Ukusetshenzwa kwamaphrojekthi okuqala Kanye namadziyini alandayo amaphrojekthi afakwe ezinhlelweni zokuzokwenziwa akufanele ukuba kube yingxenywe ye-ITP, kodwa kuzolandela ukugunyazwa kwawo. Amadziyini afana nalawa angahambisana nengqalasizinda kanye nezinkonzo futhi azkwenziwa yilezo ziphathimandla noma i- ejensi ebheke ukwenziwa komsebenzi. Isibonelo, ezimweni zezinkontileka zokuthuthwa komphakathi ezisebenza imigwaqo kuzoba yiziphathimandlazokuhlela ngokwazo noma iziphathimandla zokuhlela ngokuzisizwa yisiFundazwe ezidizayina futhi zikhiphe amathenda ezinkonzo ezifana nalezi. Ezinkonzweni zezitimela, ophethe uhlelo lwezitimela (isib. i-PRASA/i-Metrorail) ozoba sethubeni elihle lokudizayina izinkonzo zezitimela ngokuhambelana namazinga ezinkonzo ezichazwe yiziphathimandla zokuhlela. Emigwaqweni, umsebenzi wokudizayina ungenziwa yisiphathimandla sokuhlela noma i- ejenti noma onikwe inkontileka oqashwe yilowo masipala othintekayo.

3.3 Isu lezokuthuthwa komphakathi lonyaka we-2007 le-DOT

IKhabinrthi yamukela iSu Lezokuthuthwa Komphakathi ngoJanuwari 2007. Leli su limbaxambili: yi-Ukwenziwa Ngcono Ngokushesha Kwezindawo Zokuthutha kanye naManethiwekhi Okuthuthwa Ngokuphindelela Komphathi (ama-IRPTN). Ukwenziwa ngcono Kwezindawo Zokuthutha kugxile ekwenzeni ngcono ikhwalithi yezithuthi

zomphakathi kanye nokusebenza kwazo esikhathi samanje. Ukwethulwa kwama-IRPT kugxile ekusebenziseni amanethiwekhi ezinga eliphezulu ezinkonzo zezimoto ezifanele ezinokuqhudelana, okwaziwa ngokuthi yizinhlelo zZezitimela Ezithutha Ngokuphindelela nezaMabhasi emadolobheni makhulu. Kufanele kuqashelwe ukuthi ama-IRPTN awehlukile kuma-ITP kanye nezinhlelo zawo zokuthuthwa komphakathi, kodwa ziyiingxenye ye-ITP yaleso siphathimandla sokuhlela. Amadolobhakazi abefanele ukwenza izinhlelo zokusebenza ukuze akwazi ukufaka izicelo zokuxhaswa ngezimali ezivela kuZingqalasizinda Zokuthutha Komphakathi Nakuzinhlelo Zezibonelelo (ku-PTIS) ukuze ethule amanethiwekhi ekhwalithi ngendlela yezigaba. Omasipala obasohlwini olukuSheduli yoku-1 yoMthetho yilabo abaqondiwe mayelana nalolu hlobo loxhaso.

Ngokwezikhungo, iSu Lezokuthuthwa Komphakathi lifuna ukuba omasipala abaqondiwe bethule inethikhi ephethwe isiphathimandla ezingeni lomasipala lezinkonzo ezibandakanya neziyikhwalthi zokuthuthwa komphakathi, olunabaningi abathethe izinkontileka ngaphansi kwalo. Bangahle bacele futhi umsebenzi wokunikeza amalayilense okusebenza futhi ngaleyo ndlela basungule uHlaka Lokulawula Lomasipala (i-MRE), ukuba iphathe ukukhishwa kwezimvume zokusebenza ezindaweni zabo. Lokhu kudinga:

- Uhlelo olunohlonze olumbandakanyayo lamanethiwekhi olufaka ukumbandakanywa kwezinhlelo ezisebenzisa umgwaqo kanye nezingaqhutshwa yizinjini elibeka phambili izindawo zemizila yezitimela (uma kufanelekile).
- Indlela yokudala amakhono namandla ukulawula amanethiwekhi ngokwezivumelwano zokusebenza ntileka zokwenza umsebenzi wokutholakala kwezimali zokugibela nyiziphathimandla (mayelana nohlelo olusebenzisa umgwaqo) kanye nokulawula izivumelwano zokwenza umsebenzi nePassanger Rail Agency mayelana nemizila enikezwe ukubaluleka.
- Indlela yokuhlela ibhizinisi nokuxoxisana iphinde ifake phakathi abaphathi Kanye nanabasebenzi babo (ikakhulukazi umkhakha wamatekisi angamakhumbi) kunethiwekhii (yemizila yezithuthi ezisebenzisa umgwaqo kanye neyazitimela enikezwe ukubaluleka).

3.4 Ukuhlela ukuthutha ngezitimela

Isigaba se-11 soMthetho sithi omasipala banomthwalo wokuhlela izinga lezinkonzo mayelana belihlelela abagibeli bezitimela kubhekwa amanethiwekhi emizila ngokuvumelana ne-Ejenzi Yabagibeli Bezitimela (i-PRASA) noma abanye abahlinzeka ngezinkonzo zezitimela.

Amakomidi okuhlelela Izindawo Zezitimela kufanele ngokweSigaba se-15 soMthetho asungulwe ngumasipala ngamunye osungula inethiwekhi embandayayo yokuthuthwa komphakathi (i-IPNT) noma asungulelwe izinkonzo ezibonakalayo zabagibeli bezitimela endaweni yawo. Lokhu kufanele kumbandakanye izikhulu zikamasipala kanye nabamele abaphathi bezitimela zikahulumeni. Imisebenzi yamakomidi okuhlelela izindawo zezitimela ahlela apha iphinde ambandakanye ukuthuthwa komphakathi, kanye nezinye izinto eziphathelele nohlelo lwezokuthuthwa okumbandakanyayo lomasipala. Lapho kunezinkonzo ezibonakalayo zezitimela

zabagibeli endaweni, amakomidi okuhlelela izindawo zezitimela afanele enze kube lula ukuphethwa kwezivumelwano zamazinga ezinkonzo ezifanele eziphakathi kukamasipala ne-PRASA.

I-PRASA yenze uHlelo Lwamasu lonyaka we-2012 olwakhelwe phezu koHlelo Lokuthuthwa Kwabagibeli Ngezitimela lonyaka we-2006. Lolu wuhlelo lokuthuthukisa uloliwe esikhathini esiyiminyaka angama-40 ezayo kuze kufike unyaka we-2050 futhi lweyame ekutshalweni okuhleliwe kwezimali nguhulumeni ezitimeleni ezintsha, ezimpawini ezintsha, eziteshini kanye nasekwenzeni kube khona kwemizila emithathu emisha. Lokhu kuhlenganisa iZinhlelo Zamasu amane ahamba ngawodwana (olwaseGauteng, olwaseNtshonalanga Kapa, olwaKwaZulu-Natali kanye nolwaseMpumalanga Kapa).


3.5 Ukulungiselela iZinhlelo Zokuthuthwa Komphakathi kanye Namarejista Ezithuthi

Wonke ama-CITP nama-DITP kufanele abe nezixhumelo, Kanye nezifingqo, iRejista Yezithuthi kanye noHlelo Lokuthuthwa Komphakathi, okudingekayo okuncane okuchaziwe kamuva kule mbhalo. Okudingwa iRejista Yezithuthi kufaka, kodwa kwedlulise, futhi kufake sikhundleni salokho okuchazwe izimiso zokulungisa uHlelo lokuhlosiwe kanye neSu Lezimvume Zokusebenza. Amarejista Ezithuthi Kanye namasu Okuthuthwa Komphakathi akufanele alungiselelwe zilulela kulezo izinga lesifunda nendawo njengoba lokhu kuzoholela ekuphindaphindweni. Okukodwa kuphela okudingekayo kunanoma kukuyiphi indawo.

Lapho umasipala wendawo okuSheduli yoku-1 enze iRejista Yezithuthi kanye noHlelo Lokuthuthwa Komphakathi njengengxenywe ye-CITP yakhe, umasipala wesifunda oyingxenywe yabengamele ababheke ukuqinisekisa ukuthi yonke leyo ndawo ibonelelwe futhi uyakuyifaka lokhu ku-DITP yayo ngendlela edingwa yilo mbhalo.

4. UBUDLELWANO OBUPHAKATHI KWEZINHLELO NEZINHLAKA ZOKUTHUTHA

Ubudlelwano phakathi kwezinhlelo nezinhlaka kukhonjiswe ngomdwebo okuseMfanekisweni woku- 1



Umfanekiso woku-1: Ubudlelwano phakathi kwezinhlelo nezinhlaka zokuthutha

IHlakaLukazwelonke Lezokuthutha Ezweni (i-NLTSF) luzohlinzeka inqubomgomo kanye nesu elembozayo liluhlinzekele izwe. Amaphulo athile okuhlela e-DoT azodluliselwa phambili futhi abonakale ku-NLTSF lapho kufanele nalapho lokhu sekwamukelwe khona. La masu azombandakanya, kodwa angapheleli kulokhu:

- Uhlelo Lukazwelonke Olukhulu Lwezokuthutha lonyaka we-2010
- ISu Likazwelonke Lezokuthutha kanye Nohlelo Lokuzokwenziwa
- UHlelo Lukazwelonke Lwezitimela, kanye Nohlelo Lukazwelonke Lamasu lonyaka we-2012
- ISu Likazwelonke Lokuthwala kwempahla lonyaka we- -2006
- UHlelo Olukhulu Lukazwelonke Lwezokuthutha (i-NATMAP) lonyaka we-2011

Isifundazwe ngasinye kufanele senze uHlaka Lwezokuthutha Ezweni Lesifundazwe (i-PLTF) lwesikhathi esiyiminyaka emihlanu ngokweSigaba sama-35 soMthetho. Izinjongo ezinkulu ze-PLTF yilezi:

- Ukuhlinzeka ngohlaka lweezokuthutha njengomhlahlandlela wokuhlela ezokuthutha esifundazweni, oholwa yi-NLTSF.
- Ukufingqa onke ama-ITP esifundazweni.
- Ukufaka izinhlelo zezinkonzo zokuthutha zamabanga amade ngaphakathi kusifundazweni naphakathi kwezifundazwe.

IziNhlelo Ezibandakanyayo Zezokuthuthwa (ama-ITP) kufanele enziwe yibo bonke omasipala.

Emdwebeni ongu**Figure 1** kufanele kuqashelwe ukuthi ama-ITP kufanele athunyelwe kuMphathiswa (iMEC) ngokweSigaba 36 soMthetho mayelana nokumazisa kanye nokuthola ukugunyazwa, lokhu kuzovezwa futhi naku-PLTF. Ukugunyazwa nguMphathiswa kuphathelene kuphela nezindaba ezisohlwini oluseSigabeni 36 (4) soMthetho, njengezinqubo kanye nezindaba zezimali ezithinta isifundazwe. Ama-ITP kume athunyelwe kuNgqongqoshe ukuze agunyazeingxenyane yezithuthieziyitimela uma ikhona. Wonke ama-ITP kufanele anikezwe iNational Public Transport Regulator (NPTR) kanye neProvincial Regulatory Entity (PRE) efanelekile iwadinga, yiziphathimandla kwezokuhlela futhi kufanele zenze iziphakamiso kuNPTR nakuPRE eziphathelene namalayisense amasha okusebenza. Mayelana namaLITP, azothunyelwa kuMphathiswa njengengxenyane yeDITP hhayi ngokwehlukile. Ngaphezu kwalokho, lezi zinhlelo zokuthutha kufanele futhi ukuthi zibe yingxenyane yezinhlelo zokuthuthukisa ezihlanganisiwe (IDPs) zalowo masipala wedolobha, wesifunda kanye nowendawo.

Ama-LITP azofakwa ngomasipala besifunda ngendlela eqoqekile ezinhlelweni zabo zezokuthutha, futhi azosebenza njengolwazi olwengeziwe oluzofakwa kuma-IDP alowo masipala wendawo kanye nakumasipala wesifunda.

5. UKWENZIWA NOKUBUYEKEZWA NGOKUPHINDIWE KOHLELO

Ama-ITP alungiselwa isikhathi esiyiminyaka emihlanu, ngokunjalo i-ITP entsha kufanele yenziwe njalo eminyakeni emihlanu. Njalo ngonyaka, kufanele kube nokuyekezwakwezinto ezikhethiweyo.

Isikhathi esiphansi sokulungisa nokubuyekeza uhlelo sikhonjiswe eThebulini 1

ITHEBULI 1: UKWENZIWA NOKUBUYEKEZA NGOKUPHINDIWE KOHLELO

UHLELO	UKUPHINDWA		UKUPHAWULA
	UKULUNGISA	UKUBUYEKEZA	
1. IComprehensive ITP (CITP) kanyeneDistrict ITP (DITP)	Kufanele ilungiswe ngokuphelele njalo onyakeni wesi-5.	Ukubuyekeza njalo ngonyaka kwezinto ezikhethiwe, okuzohambisana ne-IDP	Ukubuyekeza okuzobhekisa ephrogremini yokwenza nasesabiwenizimali yokwenza. Igunya lePA ukwenza konke ukubuyekeza
2. ILocal Integrated Transport Plan (LITP)	Kufanele kwenziwe njalo eminyakeni emihlanu, njengesithasiselo seDITP entsha komasipala bendawo abangaphansi komkhandlu wesifunda.	Ukubuyekeza kwesabizozimali kanye nephrogremu mayelana nonyaka olandelayo njalo ngonyaka, okuzohambisana ne-IDP.	
3. ITransport Register (eyakha ingxenye ye-ITP)	Kufanele ilungiswe ngokuphelele njalo onyakeni wesi-5.	Kufanele kuyekwezwe iTR uma kunokuqoqwa kwemininingwane ebalulekile. I GIS, amadatabase kanye nezinhlelo zolwazi kufanele kubuyekwezwe ngokuqhubekayo lapho kuqoqwa ulwazi olusha.	Ukubuyekeza kufanele kugxile ezikhaleni nasolwazini olusezingeni eliphansi
4. IPublic Transport Plan (eyakha ingxenye ye-ITP)	Kufanele ilungiswe ngokuphelele njalo onyakeni wesi-5.	Kufanele kubikwe njalo ngonyaka ngezinkontileka ezinikeziwe noma eziphelelwe yizikhathi kanye nanganoma yiziphi izinguquko noma okwengeziwe okwenziwe oxhumanweni oluhlongozwayo lwezinkontileka. Izikhongo zolwazi kumakhompyutha kufanele zibuyekwezwe ngokuqhubekayo ngesikhathi kunikezwa ama-OL, noma lapho ephelwa yisikhathi noma lapho evuselelwa.	

5.1 Ukulungiswa kohlelo

Ukulungiswa kohlelo njalo eminyakeni emihlanu kusho ukuthi noma yini osehlelweni kufanele iphinde ihlolwe ukubona ukuthi isesesimeni esifanelekile yini, ibuyekwezwe uma kunesidingo, bese kufakwa izinto ezintsha ezifanelekile. IRejista entsha Yezokuthutha kufanele yenziwe njalo eminyakeni emihlanu, ngaphambi kwesikhathi esiyiminyaka emihlanu se-ITP, lokhu kufanele kuvezwe eSahlukweni 3 se-ITP entsha. Ukubuyekwezwa koHlaka Lokuthuthukisa Indawo (Spatial Development Framework) lukamasipala kufanele kuvezwe. Ukuhlanganyela kwababambe iqhaza

kufanele kuqhubekela phambili, futhi kubuyezwe ukuhlolwa kwezinswelo ngendlela efanele.

Uhlelo Lwezokuthuthwa Komphakathi kufanele lubuyezwe ukuhlelela noma yiziphi izinkontileka ezintsha ezonikezwa esikhathini esiyiminyaka emihlanu ezolandela kanye nokuveza ukulandelana kwanoma yikuphi ukwakha kabusha koxhumano okuhlongozwayo. I-ITP entsha kufanele iveze inqubekelaphambili eyenziwe eminyakeni emihlanu edlule ngokusebenzisa amasu namaphrogremu ehlukeni, futhi kubuyezwe wonke amasu namaphrogremu mayelana neminyaka emihlanu ezayo. Ama-DITP aveza amaLITP kufanele abuyezwe ukwenza iqoqo lama-LITP eminyakeni emihlanu ezayo eziphathimandla zendawo.

Uhlu lwamaprojekthi, amaphrogremu kanye nezabiwozimali eSahlukweni 12 kufanele kubuyezwe ngokuphelele mayelana nesikhathi seminyaka emihlanu ezayo zohlelo olusha, futhi isabiwozimali esinayo yonke imininingwane kanye nephrogremu kwenzelwe unyaka olandelayo.

5.1 Ukubuyezwa konyaka

Njalo ngonyaka, i-ITP kufanele ibuyezwe uma kunesidingo, lokhu kungahle kube wumbiko ongeziwe wonyaka, kunokunikezela ngencwajana ye-ITP entsha unyaka ngamunye.

Ukubuyezwa konyaka kohlelo kufanele okungenani kufake okulandelayo:

- Ukubuyezwa kweTR uma kukhona imininingwane emisha ebalulekile eqoqiwe. IGIS yezokuthutha, izizinda zolwazi emakhompyutheni kanye nezinhlelo zolwazi kufanele kubuyezwe ngokuqhubekayo uma nangesikhathi kuqoqwa ulwazi olusha.
- Ukuchaza ngenqubekelaphambili yokusebenzisa i-ITP onyakeni ongaphambili (isibonelo, ingqalasizinda entsha eyakhiwe kanye nezinkontileka ezinikeziwe).
- Ukubhala phansi ukuthi yiziphi izinkontileka ezinikeziwe noma ukusho ukuthi yiziphi eziphelelwe yisikhathi kanyenanoma yiziphi izinguquko noma okwengeziwe oxhumanweni lwezinkonzo ezihlongoziwe. Komasipala abasohlwini lweSheduli 1 ikakhulukazi, uhlelo lonyaka oluthunyelwe olweseka uxhaso lwePTIS kanye nokunye ukuxhaswa ngezimali kuzwelonke kufanele kubhalwe phansi.
- Isizinda solwazi emakhompyutheni samalayisense okusebenza, lapho umasipala esisungulile, kufanele sibuyezwe ngokuqhubekayo ngenkathi kunikezelwa ngama-OL, noma lapho ephelelwa yisikhathi nalapho evuselelwa. Noma yiziphi izinguquko ezidingekayo oHlelweni Lwamalayisense okusebenza ezeyeme ekumelweni noma ekuthuthukisweni kabusha kufanele zibhalwe phansi.

Ukubuyezwa amaprojekthi, amaphrogremu kanye nezabiwozimali eSahlukweni 12, ukuze isikhathi seminyaka emithathu ngaphambili sigcineke, kanye nephrogremu enayo yonke imininingwane nesabiwozimali sonyaka wezimali olandelayo. Imithombo elindelekile yezimali ukuxhasa isabiwozimali kufanele ibhalwe phansi. Lesi sahluko sizosebenza njengesisekelo sengxenyane yomkhakha wonyaka wezokuthutha kumasipala woHlelo Lokuthuthukiswa Okuhlanganisiwe (IDP). Isabizimali

nephrogremu yonyaka olandelayo ekuLITP ngayinye kufanele nayo ibuyekezwe yilowo masipala wendawo, futhi kwenziwe neqoqo njalo ngonyaka kuDITP mayelana nesifunda sikamasipala abangaphansi kwakhe, ukuhambisana nokwenziwa kweIDP yonyaka.

6. USUKU LOKUTHUMELA IZINHLELO ZEZITHUTHI EZIHLANGANISIWE

Ama-ITP kufanele abe esenziwe ngosuku olumiswe nguMphathiswa ngokweSigaba 36(1) soMthetho. Usuku olumiswe nguMphathiswa kufanele lushicilelwe ku*Provincial Gazette* yesifundazwe esifundazweni esithintekayo.

Uma lungekho usuku olumisiwe iziphathimandla kwezokuhlela kufanele zenze futhi zibuyekeze izinhlelo ngokweThebuli 1.

7. INDLELA YOKWENZA NOKUGUNYAZWA NGUMPHATHISWA

Emva kosuku lokushicilelwa kwalezi zidingo, kodwa hhayi ngemuva kosuku olushiwo ku-6 ngenhla, zonke iziphathimandla kwezokuhlela kufanele zigcwalise uhlelo lwazo lwezokuthutha ezihlanganisiwe olufaka okungenani izindaba ezibekwe ku-8 ngezansi.

Ekuqedeni uhlelo lwezokuthutha, iziphathimandla kwezokuthutha ezinomthwalo wokulwenza kufanele ziluthumele kuMphathiswa ngokweSigaba 36(4) soMthetho, uma lunengxenye ngabagibeli besitimela kufanele luthunyelwe nakuNgqongqoshe ngokweSigaba 36(5).

Uma Mphathiswa ecabanga ukuthi uhlelo lezokuthutha alulandeli noma yiziphi izindaba ezisohlwini oluseSigabeni 36(4)(a) ukuya ku-(d) soMthetho, angahle acele iziphathimandla kwezokuhlela ukuthi zilungise uhlelo, futhi iziphathimandla kwezokuhlela kufanele zilungiseuhlelo noma zixoxisane noMphathiswa ukuxazulula lolu daba. Uma uMphathiswa kanye neziphathimandla kwezokuhlela bengakwazi ukuvumelana ngalolu daba, kufanele baxazulule lolu daba ngokweSahluko 4 soMthetho 13 ka-2005 we-Intergovernmental Relations Framework. Uma uMphathiswa engaceli iziphathimandla kwezokuhlela ukwenza uhlelo ezinsukweni ezingama-60 okulwemukela, iziphathimandla kwezokuhlela zingacabanga ukuthi uMphathiswaulugunyazile.

Uma uMphathiswacabanga ukuthi okuphathelene nezitimela akubhekwanga ngokwanele ohlelweni lwezithuthi njengoba kuvezwe eSigabeni 36(5) soMthetho, angahle acele ukuthi iziphathimandla kwezokuhlela zenze uhlelo, futhi iziphathimandla kwezokuhlela kufanelezenze uhlelo noma zixoxisane noNgqongqoshe ukuxazulula lolu daba. Uma uNgqongqoshe kanye niziphathimandla kwezokuhlela bengakwazi ukuvumelana ngalolu daba, kufanele baluxazulule ngokweSahluko 4 soMthetho 13 ka-2005 we-Intergovernmental Relations Framework. Uma uMphathiswa engaceli iziphathimandla kwezokuhlela ukuba zilungise uhlelo ezinsukwini ezingama-60 okulwamukela, iziphathimandla kwezokuhlela zingahle zicabange ukuthi uMphathiswa ulugunyazile.

8. OKUQUKETHWE OKUPHANSI

Ngaphezu kwezidingo ezichazwe eMthethweni, izinhlelo zokuthutha ezihlanganisiwe (ama-ITP) kufanele zibe okungenani nokuqukethwe okuphansi njengoba kumiswe ngezansi:

8.1 Izinhlelo zezithuthiezihlanganise zonke izithuthi ezehlukene (Comprehensive integrated transport plans (amaCITPs))

ICITP kufanele yenziwe mayelana nezinhlelo zokuthuthukisa ezihlanganise izithuthi ezehlukene, futhi kufanele ilandela ukuhlelwa kwendawo (Spatial Planning) kanye noMthetho ka-2013 Wokuphathwa Kokusetshenziswa Komhlaba (Land Use Management Act ka-2013 (UMthetho ongunombolo 16 ka2013) kanye neminye imithetho yezwe kanye neyesifunda.

ICITP kufanele ibe okungenani nezahluko ezivezwe emdwebeni okuFigure 2 futhi nanjengoba kuchazwe ngezansi. Wonke ama-ITP kufanele enziwe ngokulandelana okunikezwe kulezi zidingo.




Figure 2: Okuqukethwe okuphansi kweComprehensive ITP

IQOQO ELIPHELELE

Iqoqo eliphethe konke kufanele elisho ngamafuphi isimolinikezelwe, ukuqhutshwa kwezokuthutha endaweni, izinjongo nokuzibandakanya nakumaphojekthi ahlangaziwe.

Isahluko soku-1: Isingeniso

Isingeniso kufanele sichaze futhi sikhombise indawo eyenganyelwe yiCITP, isho okufanele mayelana nokwenziwa kweCITP futhi ibhekise kunoma yiziphi izidingo ezenziwe nguMphathiswa. Izinga lohlelo kanye nesikhathi okuzosebenza ngaso uhlelo kufanele sishiwo.

Noma yimaphi amalungiselelo ezikhungo noma ezinhlango athinta ukusebenza kweziphathimandla kwezokuhlela, njengokusungulwa noma ukusungulwa okuhleliwe kwalokho okubhekene nomasipala ukuqhuba imisebenzi yezokuthutha, kufanele kuchazwe kanye nezindlela zokubambisana nezokuxoxisana ezikhona ukuxhumanisa umsebenzi wokuhlela kanye neminye imithwalo kamasipala neyabanye ababambe iqhaza.

Isahlukosesi-2: Umbono nezinjongo zezokuthutha

Isitatimende esiwumbono wezokuthutha endaweni ye-ITP kufanele wakhelwe ohlakeni lwe*White Paper on National Transport Policy* ka-1996, nakweminye imigomo namasu agunyaziwe ezokuthutha kuzwelonke nasezifundazweni.

Isitatimende esiwumbono kufanele sibe yisitatimende esinembayo esikhokhela ukuthuthukisa kwezokuthutha endaweni ngokwezingxeny zohlelo lwezokuthutha esikhathini eside kanye nasesikhathini esifushane.

Kufanele kwakhiwe izinjongo eziqondile, ezihambisana nombono jikelele. Izinjongo kufanele zikwazi ukulinganiswa, ziqondakale futhi zibe ngezinokuzuzeka.

Isahlukosesi-3: IRejista Yezokuthutha

Njengengxeny yokwenziwa kwe-ITP, iRejista Yezokuthutha kufanele yenziwe. Isithasiselo 1 sichaza Izidingo Eziphansi zeRejista Yezokuthutha. Isahluko sesi-3 se-ITP kufanele sinikeze iqoqo kanye nesihlaziyo semininigwane eqoqiwe. IRejista yezokuthutha kufanele ibhekane nayo yonke imininigwane eqoqiwe edingekayo mayelana nokuhlela kwazo zonke izinhlobo zengqalasizinda nemisebenzi yezithuthi.

Incazelo nokuhlaziywa kweqoqo lemiphumela yeTR mayelana nendawo ethile kufanele kube kule ngxeny, kanye namabalazwe endawo akhomba uxhumano lwemigwaqo emikhulu, imizila yezokuthuthwa kophakathi kanye nezindawo zezinto eziphathelene nezokuthutha kufanele kufakwe futhi kubhekiswe kukho. Imininingwane elandelayo kule ifakwe kule ngxeny:

- (a) **Izibalo zabantu emphakathini nesimo sezomnotho:** Kufanele kuvezwe imininigwane ephathelenenezibalo zabantu emphakathini futhi kunikezelwe ngencazelo yabantu ngokwamaholo, ubudala ngeminyaka, izinga lemfundo kanye nokuba ngumninimoto:
- (b) **Isimo jikelele zohlelo lwezokuthutha:** Kufanele kuvezwe umehluko phakathi kwezindlela zokuthuthwa ezingezona ezomphakathi, ezomphakathi kanye nalezo ezingasebenzisi izinjini mayelana nokuya emsebenzini ezikhungweni zemfundo kanye nokuthatha uhambo nje

ekuseni phakathi neviki ngesikhathi lapho kunokuphuthuma okukhulu. Kufanele kuvezwe amazingaokungeneliseki ngezinto ezehlukile zohlelo lokuthuthwa nangezindlela ezehlukile zokuthuthwa endaweni, okubandakanya izikhathi zokuhamba, izindleko zokugibela, ukuba khona kanye nokufinyeleleka kwezithuthi, ukuvikeleka kanye nokwethembeka kwezinkonzo zokuthuthwa komphakathi. Kufanele kuvezwe isikhathi sokuhamba esisezingeni eliphakathi naphakathi ukuya esebenzini nasezikhungweni zokufunda, isikhathi sokuhamba kwezithuthi zomphakathi ukuya emisebenzini, isikhathi sokuhamba ngezinyawo ukuya ukuyogibela isithuthi somphakathi ngokwendlela yokuthutha, iphesenti lemindeneni elichitha isikhathi esingaphezu kuka-10% weholo ezithuthini zomphakathi. Kufanele kuchazwe izinkinga ezinkulu zokuthuthwa kumasipala okuzobhekiswa kuzo izinqubomgomo, amasu kanye namaprojekthi e-ITP eminyakeni emi-5.

(c) **Incazelo yohlelo lokuthuthwa okujwayelekile, kwansuku zonke kwezokuthuthwa komphakathi:** Iqoqo kufanele linikezelwe lwemininingwane yeTR ngokulandelayo:

- Ingqalasizinda yabagibeli besitimela, izitimela, kanye namandla nokusetshenziswa komzila
- Ingqalasizinda yezithuthi zomphakathi ezisebenziswa imigwaqo (ezaziwa ngokuthi yiBus Rapid Transit (BRT), amabhasi namatekisi angamakhumbi)
- Imizila eyimigwaqo ngohlobo ngalunye lwesithuthi, ngomrenke ngamunye omkhulu noma usosesheni wamatekisi
- Iqoqo nokuhlaziywa kwezinhlelo zezimali zokugibela (isakhiwo, amazing, izinhlelo zokuthuthwa kwemali yokugibela kanye nezaphulelo) zezinkonzo ezehlukene endaweni
- Amandla ezinkonzo zezitimela kanye namandla okusetshenziswa komzila ngamunye ngesikhathi sokuphuthuma
- Amandla enkonzo yokuthuthwa komphakathi esebenzisa imigwaqo kanye namandla okusetshenziswa emzileni ngaunye ngesikhathi sokuphuthuma
- Iqoqo lomnyakazo ukusuka endaweni eyodwa ukuya kwenye kweyeme kweyeme ekubalweni kokujwayelwa
- Ukuhlaziywa kwesimo sengqalasizinda yezokuthutha, izinto eziphathelene nezokuthuthwa kanye nezitimela
- Ubukhulu bokunqwabelana kwabantu ezinkonzweni zokuthuthwa komphakathi.

(d) **Incazelo yezinye izinkonzo zokuthuthwa komphakathi kanye nezindlela zokuthutha:** Kufanele kunikezelwe ngeqoqo lendawo kanye nobukhulu bokwenziwayo uma kwenzeka, ingqalasizinda kanye/noma zimaphi amalungiselelo enkontileka mayelana:

- Namatekisi angamakhumbi abiza imali ngebanga elihanjiwe
 - Nezithuthi ezihamba amabanga amade nezeqa imingcele (okukhiphela ngaphandle izinkonzo ezingaphansi kokuthuthwa okujwayelekile kwansuku zonke okuchazwe ngaphansi kuka-(c))
 - Ukuthuthwa kwabafundi
 - Ukuthuthwa okungasebenzisi izithuthi eziqhutshwa yizinjini
- (e) **Incazelo yokwakheka ngokwezikhungo nangokwezinhlangano kwezimboni zokuthuthwa komphakathi:** Kufanele kunikezelwe ngemininingwane yezinkampani nososesheni abakha izimboni zeBRT, amabhasi, zamatekisi angamakhumbi kanye nazamatekisi angamakhumbi akhokhelwa ngebanga alihambile mayelana:
- Negama lenkampani/ usosesheni
 - Ukuhlenganiswa kwezithuthi kanye nobukhulu bazo ngaphansi kwaleyo nkampani/usosesheni
 - Izindawo noma imizila okuhlinzekwa kuyo izinkonzo
- (f) **Imigwaqo nezithuthi:** Lolu lwazi lungatholakala kwabePavement Management System (PMS) kanye nasephrogremini yokubalwa kwezithuthi yeziphathimandla kwezokuhlela kanye nezibonelo zokuthutha uma zikhona:
- Ithebuli elinikezela ngemininingwane yoxhumano olukhulu lwemigwaqo mayelana neziphathimandla zemigwaqo, okubandakanya imigwaqo kazwelonke, yesifundazwe kanye nekamasipala, futhi elinikeza imininingwane egcwele yobude bemigwaqo ngohlobo lokusebenza komgwaqo.
 - Ithebuli elikhombisa isimo semigwaqo emikhulu ngokobude bomgwaqo osesimeni esibi kakhulu, esibi, esisesimeni esimeni esihle noma esihle kakhulu. Nezinguquko esimeni semigwaqo esikhathini eside.
 - Ithebuli elikhomba izinga lokunqwabela ohlelweni lwemigwaqo emikhulu, kuvezwe ubude bomgwaqo osetshenziswa ngokufanelekile noma ngaphezu kokufanelekile ngesikhathi sokuphuthuma. Nezinguquko emazingeni okunqwabelana ngesikhathi sokuphuthuma.
- (g) **Ukuthuthwa kwemithwalo:** Kufanele kunikezelwe ngencazelo yemizila emikhulu yezithuthi zemithwalo kumasipala futhi kuchazwe nezinkinga ezidalwa noma ezivimbela ukuthuthwa kwemithwalo. Kufanele kufakwe nemizila ekhonjiwe mayelana nokuhamba ngezithuthi ezihambisa imithwalo emikhulu ngokungaphezulu kanye nezimpahla eziyingozi. Kufanele kushiwo okwenziwe ukubhekana nokuthwala ngokungaphezulu.

- (h) **Ulwazi oluphatelene nezimali:** State sources of income and expenditure by the relevant planning authority on all transport services and infrastructure within its area. Annual expenditure by state-owned entities in the ITP area on infrastructure and operational subsidies should also be included (SANRAL, PRASA, Province, PTIS grants etc). Kufanele kushiwo ukungena kwezimali kanye nokusetshenziswa kwazo yiziphathimandla kwezokuhlela kuzo zonke izinkonzo zokuthutha kanye nengqalasizinda endaweni yabo. Ukusetshenziswa kwezimali njalo ngonyaka

Isahlukosesi-4: Uhlaka Lokuthuthukisa Ngokwendawo (Spatial Development Framework)

Izinhlelo Zokuthuthukisa Ezihlanganise izithuthi ezehlukene (Integrated Development Plans (ama-IDP) ziqoqa zonke izinto ezihambisana nokuthuthukisa ukuhlela kanye nokunikezela ngezinkonzo komasipala. Uhlaka lokuthuthukisa ngokwendawo (Spatial development framework (SDF)) kufanele ibe yingxenye esemqoka yawo wonke ama-IDP, lukhombise indawo ngokwenhlalo isu likamasipala lokunikezela ngengqalasizinda nezinkonzo ngendlela enokusimama nengabizi. Ezokuthutha nezokuhamba ziyingxenye esemqoka nebizayo yempilo yomuntu ngamunye, yemindeni, yamabhizinisi nohulumeni, kanjalo ukusebenza ngempumelelo kwezokuthuthayinto ebalulekile ekuthuthukiseni nasekubuyekezeni iSDF. ISDF kufanele ihambisane ne-ITP yendawo, futhi iSDF kufanele ifakwe ku-ITP, ikhombise ngokucacile imizila namalunga akhona nafiswayo, kanye nezindawo eziphawulwe mayelana nokusetshenziswa komhlaba okuxubile kanye nokuminyana ekuxhaseni ukuthuthwa komphakathi. ISDF kufanele futhi iveze amasu kamasipala okusetshenziswa komhlaba azosetshenziswa ukunqanda ukusabalala kwezindawo zokuhlala emadolobheni kanye nokuchitha izenzo ezizobenza bathembele ekuhambeni ngezimoto.

ICITP kufanele iveze izinyathelo ezihlongozwe kuSDF zokuxhasa ukuthuthwa komphakathi kanye nokuqinisekisa ukuthi izinkonzo zokuthutha zingaqhutshwa ngendlela esimeme nengabizi.

ISDF efakwe kuCITP izonikeza umphumela ocacile wesigaba 38 seNLTA, enikeza iziphathimandla kwezokuhlela amandla okulawula noma yiziphi izinguquko noma ukuqiniswa kokusetshenziswa komhlaba okwehlukile kulokho okuchzwe kuSDF.

Isahlukosesi-5: Ukuhlolwa kokudingekayo kwezokuthutha

Lesi sahluko kufanele sithole futhi sichaze ngokwanele okuphatelene nezokuthutha, izinkinga kanye nokudingekayo kumasipala nakwizakhamuzi kweyeme kokulandelayo:

- ukuhlolwa kwezindaba, izinkinga, izindlela okwenzeka ngazo izinto kanye namazinga okusebenza okuvezwe yiRejista Yezothutha;
- izindlela zokuhlanganyela komphakathi nokushiwo ngababambe iqhaza okuhlose ukuveza okudingwa ngumphakathi; kanye
- nesilinganiso sokufunwa kwezithuthi esikhathini samanje nesizayo, okunqunywa ngamaphuzu atholakale enqubeni yamanje, ekwenzeni izibonelo kanye/noma kwezinye izilinganiso (bheka Imiyalelo mayelana nalokhu),

Izidingo zokwenza ngcono nokugcina zisesimeni esifanele kwayo yonke imigwaqo kanye nezinto zompakathi eziphathelene nezokuthutha eziwumthwalo weziphathimandla kwezokuhlela kufanele zikhonjwe. Ukudingeka kwemigwaqo emisha kanye nezinto eziphathelene nezokuthutha nakho kufanele kukhonjwe. Lokhu kufanele kubhekise kunoma yiluphi uhlelo lokunakekela izindledlana zabahamba ngezinyawo eduze kwemigwaqo eyakhiwe (ipavement management system (PMS)) kanye nezinye izinhlelo zokuphatha ingqalasizinda ezingasetshenziswa yiziphathimandlayiziphathimandla.

Isahlukosesi-6: Uhlelo Lokuthuthwa Komphakathi (Public Transport Plan)

Uhlelo Lokuthuthwa Komphakathi (iPublic Transport Plan) kufanele luthuthukiswe ngesikhathi kwenziwa i-ITP. Isahluko sesi-6 se-ITP kufanele sinikeze iqoqo lePTP, futhi iPTP kufanele inanyathiselwe njengesithasiselo. IPTP kufanele yeyame kuyo yonke imininingwane efanele nasolwazini olukhona, olubandakanya iTR, iSubsidy Information System, i-Operating Licencing Administration System (i-OLAS) izinhlelo zamabhizinisi ezithunyelwe eMnyangweni Wezokuthutha ezeseke izicelo mayelana nokuxhaswa ngezimali kwePTIS kanye nokunye ukuxhaswa ngezimali, kanye nezincwadi zezinkontileka ezikhona.

Bonke omasipala abakuSheduli 1 nabasezifundeni kudingeka ukuba benze iPTP, noma ngabe izinkonzo endaweni enohlelo zingaphansi kwenkontileka noma cha, zixhaswe ngezimali noma cha, noma kunezindlela eziningi noma eyodwa esetshenziswayo.

Okugxilwe kukho kuPTP kufanele kube wukhlanganisa uxhumano lwezokuthuthwa komphakathi, izinkonzo kanye nezindlela zokuthutha. Uhlelo kudingeka ukuthi lunikezele ngesisekelo sokuguqula nokwakha kabusha kohlelo lokuthuthwa komphakathi, kwenziwe izivumelwano mayelana nezinkonzo ezifakwe ngaphansi kwezinkontileka futhi kunikezwe amalayisense okusebenza kulezo zinkonzo ezingekho ngaphansi kwezinkontileka.

AmaPTP azofaka izinhlelo okubhekiswe kuzo ku-2007 Public Transport Strategy naku-Action Plannjengema-“Integrated Rapid Public Transport Network Plans” (ama-IRPTN) noma ama-“Integrated Public Transport Network Plans” (ama-IPTN plans). Lezi zinhlelo okubhekiswe kuzomayelana noxhumano olusezingeni eliphezulu lwemizila eyaziwa ngokuthi ngamarapid rail kanye nama-bus rapid transit (BRT) ezizokwenziwa ngomasipala okubhekiswe kubo abazophumelelisa amaphrojekthi “azokwenziwa ngesivinini esikhulu”. Lezi zinhlelo zama-IRPTN noma ama-IPTN kufanele zibe kuPTP yama-IPB abo, angenziwa njengezinhlelo ezehlukile.

Labamasipala babenza izinhlelo zokusebenza abazozithumela njalo ngonyaka eMnyangweni Wezokuthutha nakuNational Treasury ukufuna ukuxhaswa ngezimali mayelana nalama-“IRPTN”. Imiyalelo yendlela kanye nokuqokethwe yilezi zicelo kuthunyelwe komasipala abafanele. Izinhlelo zoxhumanolwezokuthuthwa komphakathi ezithuthukiswe ngaleyo ndlela kufanele zifakwe ku-PTP bese zenziwe ukuthi zisebenzisane kanye kanye nakho konke okuphathelene ne-ITP.

AmaPTP kufanele abe nezingxenye eziyisithupha:

(a) **Imigomo namasu:** Lokhu kufanele kufake-

- Umbono obanzi wokuthuthukiswa kohlelo lokuthuthukiswa komphakathi esikhathini esizayo, okubandakanya inqubomgomo kanye nesu mayelana nendima yendlela ngayinye yokuthuthwa komphakathi;
- Izingqubomgomo ngeziphakamiso ezenziwe mayelana nezinkontileka, uhlobo lwenkontileka oluzosetshenziswa, izivumelwano zamazinga ezinkonzo zesiimela, amazing ezinkonzo, ukuhlanganisa izindlela zokuthutha, ukuthuthukiswa kokusetshenzisa komhlaba kanye nohlelo lokubeka izimali zokuthuthwa;
- Ukubheka ukuthi yikuphi ukuxhaswa nguhulumeni nokuthi kuzokuba ngokungakanani okuzokhokhwa. Mayelana nezinkontileka ezibiza imali ephezulu lokhu kuzoba wukukhokhela umehluko phakathi kwezindleko zohlelo kanye nezimali zokugibela eziqoqwe yiziphathimandla zezinkontileka;
- Incazelo kufanele ifakwe yezinqubomgomo ezifanele kanye nemigomo ekhokhela ukuchithwa kwamalayisense okusebenza, okubandakanya kodwa okungakhawuli lapho, izindima zezindlela zokuthutha kanye nezindlela zokuthutha ezithandwayo, izinkonzo ezixhaswa nguhulumeni kanye nezinkontileka zezinkonzo zokuhweba;
- Izingqubomgomo mayelana nokuhanjiswa ngezindlela ezingajwayelekile zokuthuthwa ezinjengamatekisi angamakhumbi akhokhokhelwa ngebanga elihanjiwe, izithuthi ezimasondomabili noma mathathu ezinjengetukstus, kanye nezinkonzo zokuthutha ezihamba amabanga amade; kanye
- Inqubomgomo yezithuthi ezibhekene nokuthuthwa komphakathi mayelana nokuncishiswa kwesisi esiyikhaboni kanye nokunukutshezwa komoya namayelana nokunikezela ukufinyelwa yibo bonke abantu.

Lezi zinqubomgomo namasu kufanele abhekiswe ekwakheni uxhumano lwezinkonzo ezisebenza ngezinkontileka kanye nezisebenza ngaphandle kwezinkontileka-

- ezibheka izidingo zabo bonke abasebenzisi okubandakanya amazinga abagibeli okubhekiswe kuwo njengabafundi, ukuze zikwazi ukufinyelelwa yibo bonke abantu;
- ezandisa ukufinyelelwa kwezinkonzo ngabantu abahamba ngezinyawo;
- ezinciphisa ukuphindapindeka kwezinkonzo;
- ezinciphisa ukusetshenziswa okungaphansi noma okungaphezulu kwamandla akhona;
- ezingabizi imali enkulu;
- ezisebenzisa indlela efanele mayelana nezidingo zomzila;
- ezinokutholwa ngabagibeli kalula;
- ezeseke izinjongo zeSDF;

- ezihlanganisa izinkonzo zokuthuthwa komphakathi ezisebenzisa izindlela ezehlukile ngokuthuthukisa uxhumano namasheduli (umakunokwenzeka) kanye nokuphindeka kwezinkonzo njengedla yokuthi abagibeli bakwazi ukunyakaza ngokugcwele ukusuka endaweni abasuka kuyo ukuya lapho beya khona ngesibalo esiphansi sokushintsha, sokulinda nokukhokhela amatikithi. Idinga ingqalasizinda ehlanganisayo yezokuthuthanlwazi lwabagibeli ezinkonzweni nasezindleleni zokuthutha ezehlukene;
- ezisebenzisa ngendlela esuka phansi eya ikhuphuka izindlela zokuthengiswa kwamathikithi ezingamakhompyutha (indlela ejwayelekile yokuthengiswa kwamathikithi), futhi kuthengiswe amathikithi angabizi;
- ezigwema ukuqhudelana okulimazayo phakathi kwezinkonzo ezisebenzisa umzila ofanayo;
- ezenza noma yikuphi ukwesekwa ngezimali ukuba kusetshenziswe ngokugcwele, ngokubhekisa kuyashiyo yokusebenza kwezindleko kwezinye izindlela ngaphambi kokuba kwenziwe noma iyiphi inkontileka entsha futhi inikezwe, kanye
- ezinikezwa ukuba zisebenze kuqala kunokusetshenziswa kwezokuthutha ezingezona ezomphakathi.

(b) Umklamo jikele woxhumano

UMklamo Jikelele Woxhumano kufanele uchazwe lowo omisa umbono osezingeni eliphezulu lololo lwasesikhathini esizayo ngezinkonzo zesitimela nezisebenzisa umgwaqo, ezingaphansi kwezinkontileka nezingekho ngaphansi kwezinkontileka. Lokhu kubaluleke kakhulu uma isiphathimandla kwezokuhlela sihlongoza ukwakha uhlelo kabusha – izinkonzo ezingaphansi kwezinkontileka nezingekho ngaphansi kwazo – ngenjongo yokwakha uhlobo lwemizila esezingeni eliphakame ecatshangwayo *Eswini likazwelonke Lokuthuthwa komphakathi*. UMklamo Jikelele Woxhumano kufanele ufake izinto ezilandelayo:

- Umklamo jikelele woxhumano kufanele ukhombwe izindlela noma izindlela ezithandwayo mayelana nemizila ethile endaweni, ikubandakanya izithuthi ezingena kanye neziphuma ezindaweni zezinye iziphathimandla kwezokuhlela, kanye nezithuthi ezisebenza zeqe imingcele yezifundazwe.
- Iziphakamiso kufanele zithuthukiswe, ezeyeme ekuhlolweni kwesimo kanye nezinqubomgomo, mayelana nokuguqulwa kanye nokwakhiwa kabusha kwezinkonzo ezikhona ezingaphansi kwezinkontileka kanye nokuguqulwa kwezinkonzo ezingekho ngaphansi kwezinkontileka.
- Ukulandelela okuhleliwe kokusebenza koxhumano kufanele kuchazwe, okubandakanya nezikhathi zokuguqulwa kwanoma yiziphi izinkontileka zesikhashana, okuxoxiswene kanye nezitholakele ngamathenda, kanye nokwethula izinkontileka ezintsha. Uhlelo lwesikhathi esifushane nolwesikhathi eside ngezinkonzo ezingaphansi

kwenkontileka kufanele lumiswe. Esikhathini esifushane, kufanele lugxile ekushintshweni kwezinkontileka ezixhaswa okwesikhashana nguhulumeni kuthi izinkontileka ezitholakele ngamathenda zishintshelwe ezinkontilekeni zokuxoxisana ezizothatha izikhathi esiyiminyaka eyi-12 ngokweNLTA. Esikhathini esifushane, kufanele kugxilwe ekushintsheni izinkontileka ezixhaswa nguhulumeni ngezimali ngokweNLTA. Uhlelo lwesikhathi eside kufanele lubhekane nokwethulwa kwezinkontileka ezitholakele ngaphansi kwamathenda kanye nokwakhiwa kabusha jikelele kwalo lonke uhlelo lokuthuthwa komphakathi oluxhaswe nguhulumeni ngezimali, okubandakanya izitimela, ngemuva kokusebenza kwezinkontileka ezintsha.

UMphathiswa kufanele enze amalungiselelo mayelana nomthwalo wokuguqulwa kwezinkonzo ezeqa izifundazwe kanye nezisebenza hakathi kwesifundazwe .

Umklamo jikelele woxhumano kufanele ube ngogcwele ngezinhlelo eziyingxenywe zeminyaka emihlanu mayelana nezinkonzo zabagibelizitimela (uma kunokwenzeka), izinkonzo ezingahansi kwezinkontileka kanye nezingekho ngaphansi kwezinkontileka kanje.

(c) Uhlelo Lwabagibelizitimela (Commuter Rail Plan)

Lapho umasipala enezinkonzo zabagibelizitimela, uhlelo oluminyaka mihlanu oluchaza amazanga ezinkonzo kufanele lwenziwe ngokuvumelana nePRASA noma abanye abahlinzeki bezinkonzo zezitimela. Ikomiti lokuhlela izindlela zokuthutha kufanele lukhombwe indlela eyisiphetho sezivumelwano zamazinga ezinkonzo ezifanele phakathi kukamasipala kanye nePRASA, ngokweSigaba 15 soMthetho.

Mayelana nezinkonzo zezitimela ezisebenza zeqa imingcele yeziphathimandla kwezokuhlela ezimbili noma abangaphezulu, iziphathimandla kwezokuhlela zifanele kufanele zibe nezingxoxo phakathi kwazo ukuqinisekisa ukuhlanganisa okulungile kwezindaba zokuthutha ngezitimela ezinhlelweni zabo.

(d) Uhlelo Lwezinkonzo ezingaphansi kwezinkontileka (Contracted Services Plan)

Le ngxenye yohlelo kufanele ichaze izinkontileka ezikhona endaweni futhi imise uhlelo oluhlongozwayo mayelana nezinkontileka ezintsha ezizongena kuzo esikhathini seminyaka emihlanu iziphathimandla kwezokuhlela. Lezi zinkontileka ezintsha zingahle zingene – ngokugcwele noma ingxenye – esikhundleni senkontileka ekhona okwesikhashana noma inkontileka ephelelwe yisikhathi noma okungenwe ezingxoxweni ngayo noma etholakele ngamathenda noma iyiphi inkontileka enjengaleyo ezophelelwa yisikhathi. Zingahle futhi zidale imizila emisha kanye/noma izindlela ezintsha zokuthutha ezinjengeBRT. Zingahle futhi zishintshe uxhumano lwezinkonzo ebezingekho ngaphansi kwenkontileka, nezingaxhaswa ngezimali nguhulumeni. Zingahle zibe izinkontileka okuxoxiswene ngazo noma izinkontileka ezitholakele ngamathenda. |Kungahle kubeZingahle zibe yizinkontileka ezixhaswa nguhulumeni ngemali zibe yizinkontileka zezinkonzo zohwebo.

Uhlelo Lwezinkonzo ezingaphansi kwezinkontileka luchaza indlela yokuguqula ukusebenza okukhona kanye nokwenza lula ukuhlanganyela kwabahambisi

abathintekayo kulezi zinkontileka ezintsha. Mayelana nenkontileka ngayinye, uhlelo luzochaza imizila ethintekayo, ukuphindeka kokuthuthwa kanye nezithuthi ezidingekayo emzileni ngamunye, kanye nesikhathi esizothathwa yinkontileka. Luzophinde luchaze ukwakhiwa kabusha nezinguquko okufanele zenziwe ezinkonzweni ezingaphansi kwezinkontileka njengamanje kanye nalezo ezingekho ngaphansi kwezinkontileka ukuze kuqhutshwe uhlelo oluhlongozwayo. Uhlelo luzochaza amandla kanye nokusizakala okulinganiselwe, okuhle kanye nokubi, futhi lufake nohlelo okuzoqhutshwa ngalo nesabiwozimali (okuzovezwa naseSahlukweni se-12).

Uhlelo lwezinkonzo ezingaphansi kwenkontileka luzochaza futhi uhlobo lwezinkontileka ezihlosiwe (njengezinkontileka zemali ephezulu nezinkontileka zemali esele) kanye nohlelo lwezimali zokugibela oluzosetshenziswa mayelana nalezi zinkontileka.

(e) Uhlelo lezinkonzo ezingekho ngaphansi kwezinkontileka (Non-contracted Services Plan)

Lolu hlelo lweminyaka emihlanu kufanele luchaze ngokugcwele imizila ezonikezwa amalayisense mayelana nezinkonzo ezingekho ngaphansi kwezinkontileka. Luzochaza okudingekayo kule mizila, kanye nezindlela zokuthutha okucatshangwa ukuthi zifanele. Kufanele lube nendlela yokuthola ukuthi zingaki izithuthi zendlela ethile ezidingekayo emzileni ngamunye, kweyeme emgomeni wendlela yokuthutha, ekuhlaziyweni kwemininingwane eqoqiwe mayelana neTR, okudingekayo okukhonjwe ekuxoxisaneni okuhlanganyelwe ngumphakathi kanye nababambe iqhaza, kanye nakumarekhodi ezinkonzo ezisemthethweni njengamanje njengoba kuvezwe kuma-OLAS.

Lolu hlelo kufanele futhi ukuthi lubhekise ezindleleni ezingajwayelekile zokuthutha ezinjengamatekisi angamakhumbi akhokhelwa ngobude bebanga eliwahambile (metered taxis), izithuthi ezimasondomabili noma amathathu ezinjengamatukstuks, kanye nezinkonzo zokuthutha ezihamba amabanga amade. Izinga kanye nezinye izidingo kufanele kumiswe ohlelweni kanye nanoma yimiphi imikhawulo ngokwezibalo noma izindawo zokuhlala.

(f) Uhlelo Lwamalayisense Okusebenza (Operating Licences Plan (OLP))

IPTP kufanele ibe Nohlelo Lwamalayisense Okusebenza okuyiwona azokhokhela ukunikezwa kwamalayisense okusebenza. Lokhu kuzomiswa yiContracted Services Plan kanye neNon-Contracted Services Plan okuchzawe ngenhla. I-OLP kufanele ingabi yincwajana nje kuphela, kodwa kufanele ukuba ibe yimininingwane egcinwe kumakhompyutha exhumene ngendlela "enempilo" nohlelo Lokuphatha Amalayisense Okusebenza (Operating Licences Administration System (OLAS)).

Lokhu kubalulekile kwiziphathimandla kwezokuhlala ukuze kuhambisane neSigaba 55 soMthetho. Amalayisense okusebenza ayadingeka mayelana nazo zonke izinkonzo zokuthuthwa komphakathi, ezingaphansi kwezinkontileka nezingekho ngaphansi kwezinkontileka. INPTR noma iPRE izodingeka ukubhekisa noma yisiphi isicelo esenziwayo mayelana namalayisense okusebenza kwiziphathimandla kwezokuhlala ezikuleyo ndawo okuzosebenza kuyo izinkonzo okwenziwa isicelo sazo, noma iziphathimandla kwezokuhlala okuyizona ezinomthwalo wokwenza iPTP

yaleyo ndawo. Uma inkonzo okwenziwa isicelo sayo iwela ngaphansi kwezindawo ezingaphezu kweyodwa zikamasipala, lesi sicelo sizobhekiswa kubo bonke omasipala abathintekayo, ngamunye uzophendula lesi sicelo ngendlela isicelo esizothintana ngayo nendawo yakhe.

Uhlelo Lwamalayense Okusebenza kufanele lunikeze imiyalelo ecacile kwiziphathimandla kwezokuhlela ukuthi yiziphi izicelo zamalayisense okusebenza okufanele zamukelwe noma zichithwe yiyo. Njengoba lokhu kwamukela kuyizibopho kuNPTR noma kuPRE ngokweSigaba 55 (5) soMthetho, iPTP kufanele inikeze iziphathimandla kwezokuhlela isisekelo esethembekile nesiyiqiniso salezi zinqumo.

Ukusetshenziswa okunempumelelo koHlelo Lwamalayisense Okusebenza kudinga ukuthi i-Operating Licences Administration System (OLAS) ibuyekwezwe ngokuqhubekayo, ukuze imininingwane egcinwe kumakhompyutha ikhombise ngendlela eneqiniso nethembekile imininingwane yawo wonke amalayisense okusebenza asetshenziswayo aphilathelene nendawo ngesikhathi kubhekwa noma yisiphi isicelo esisha. Imizila echazwe ku-OLAS kufanele ifane noma ihambisane nemizila noma iqoqo lemizila echazwe kunaTR, PTP kanye nakuma-Operating Licences Plan.

I-Operating Licences Plan kufanele ichaze amalayisense okusebenza adingekayo mayelana nezinkontileka ezintsha ezihlongozwayo (izincazelo zemila, isikhathi, izimo, njll.)

Mayelana nezinkonzo ezijwayelekile zansuku zonke ezingekho ngaphansi kwezinkontileka endaweni, i-Operating Licences Plan kufanele ichaze imizila okuyiyonayona yokuthuthwa komphakathi noma amaqoqo emizila okungahle kusebenze kuyo izinkonzo ezingekho ngaphansi kwezinkontileka kanye nesibalo sezithuthi zohlobo ngalunye oluzogunyazwa yiziphathimandla kwezokuhlela, uma kubhekiswe ezimfunweni. IPTP kufanele futhi ichaze isibalo samalayisense okusebenza asetshenziswayo emzileni ngamunye noma eqoqweni lemizila (njengoba kuvezwa yimininingwane eku-OLAS) kanye nesibalo esingaphezulu samalayisense anganikezwa emzileni ngamunye kulezo zindawo ezinamalayisense okusebenza ayisibalo esingaphansi, noma isibalo esingaphezulu samalayisense okusebenza emzileni ngamunye lapho emaningi khona.

Uma iziphathimandla kwezokuhlela zihlongoza ukuthi amalayisense okusebenza kufanele anikezwe egunyaza ukusebenza eqoqweni elithile lemizila, ukuze abahambisibakwazi ukujikeleza phakathi kwemizila, noma babe nakho ukukhululeka uma isithuthi sifa, i-OLP kufanele imise izidingo eziphezulu zezithuthi mayelana neqoqo ngalinye lemizila. La maqoqo emizila kufanele achazwe futhi ababambe iqhaza bavumelane ngawo ngaphambi kokwenziwa kwe-OLP, bese kunqunywa ngokufanele nge-OLP.

Uma amalayisense okusebenza engaphezu kwesibalo esifanele, i-OLP kufanele ibe nesiphakamiso sokuthi iziphathimandla kwezokuhlela zihlongoza ukwenzani ukunciphisa lokhu (isibonelo – ukwenqaba ukuvuselela izicelo).

Uhlelo kufanele futhi ukuthi luchaze okuphilathelene nezokuthuthwa komphakathi okuxhumene nemizila ethile ku-OLAS okungagunyazwa ukuba kusetshenziswe ngabanamalayisense okusebenza kule mizila, kubhekwe amandla abo njengoba kumiswe kuTR.

I-OLP kufanele inikeze imiyalelo mayelana neziphakamiso ezizokwenziwa yiziphathimandla kwezokuhlela ngezicelo zamalaysense okusebenza mayelana nezindlela ezingajwayelekile zokuthutha ezinjengamatekisi angamakhumbi akhokhelwa ngobude bebanga eliwahambile (metered taxis), izithuthi ezimasondomabili noma amathathu ezinjengamatukstuks, kanye nezinkonzo zokuthutha emabangeni amade. Izimo zamazinga ezizohambisana namalaysense okusebenza anjengalawa kanye nezinye izidingo kufanele kumiswe ohlelweni kanye nanoma yimiphi imikhawulo ezibalweni noma ezindaweni zokuhlala.

I-OLP kufanele futhi ukuthi ichaze noma yiziphi izimo okufanele zibekwe yiPRE mayelana namalaysense okusebenza, njengesikhathi. Isibonelo, isikhathi singancishiswa emizileni lapho inkonzo entsha yeBRT yethulwa khona esikhathini esizayo. Amatuk tuks angahle abe nezimo ezikhethekile ezinjengebude obunomkhawulo bendawo yokusebenza.

I-OLAS kufanele itholwe ku-inthanethi yiziphathimandla kwezokuhlela ukuze zikwazi ukuthola ulwazi ngamalaysense okusebenza asetshenziswayo emzileni ngamunye, izithuthi namandla azo kanye nesikhathi sokusebenza kwelaysense ngayinye yokusebenza. Uma i-OLAS ingatholakali ku-inthanethi, inhlango esemthethweni kufanele inikeze leyo mininingwanekwiziphathimandla kwezokuhlela uma ziyicela ukuze iziphakamiso zeyame eminingwaneni emisha.

I-OLP kufanele ichaze amasu okugcinwa komthetho ukusimamisa uhlelo lwamalaysense okusebenza, okubandakanya namalungiselelo ezikhungo, ubudlelwano namaphoyisa okugcinwa kanye nokumiswa kokubhekiswe kukho kanye nokulinganisa ukusebenza.

Isahluko 7: Isu lwengqalasizinda yezokuthutha

Isu lengqalasizinda yezokuthutha kufanele ibhekane nokuthuthukiswa kanye nokulondolozwa kwazo zonke izinhlobo zingqalasizinda yezokuthutha, okubandakanya imigwaqo eikhulu, okuphathelene nezokuthuthwa kophakathi, uxhumano lweBRT, imizila ebekelwe ukuthuthwa komphakathi, izinyathelo zemila ethutha impahla, ingqalasizinda yezokuthutha okungasebenzisi izinjini, kanye nengqalasizinda yezitimela.

Isu lengqalasizinda yezokuthutha kufanele lifake iziphakamiso zezinto ezintsha eziphathelene nezokuthutha namayelana nokwenziwa ngcono kwezinto ezikhona eziphathelene nezokuthuthwa komphakathi kanye nemigwaqo emikhulu. Yizinhlelo eziqatha kuphela okungaqaliswa ngazo ukusebenza einyakeni emihlanu yesikhathi sokuhlelwa kwe-ITP okufanele ifakwe eswini.

Isu lengqalasizinda yizithuthikufanele lifake izinyathelo okuhloswe ngaso ukunikeza ukubaluleka kwezokuthuthwa komphakathi lapho izinyathelo ezinjengalezi zinokutholakala futhi zinokwamukelwa njengezifanele ngokwezomnotho.

Komasipala abahlanganyele eswini le-IPTN loMnyango Wezokuthutha futhi abanikezwe uxhaso lwezimali lwePTIS mayelana nokuthuthukiswa kwengqalasizinda, isu lengqalasizinda kufanele lifake uhlelo kokusetshenziswa okuqhubekayo komzila wesitimela osheshayo noma umzila weBRT esikhathini seminyaka emihlanu ezayo. Lokhu kuzovela nasezinhlelweni zamabhizinisi ezithunyelwa eMnyangweni njalo ngonyaka mayelana nalokhu.

Isahluko 8: Isu Lokuphatha Izimfuno Zokuthutha (Travel demand management (TDM) Strategy)

Injongo yokuphatha izimfuno zokuthutha (Travel Demand Management (iTDM) wukulawula ukunqwabelana ngokunciphisa izimfuno zokusebenzisa imoto ngesikhathi sokuphuthuma, ikakhulukazi ukusetshenziswa kwemoto ngumuntu oyedwa. iTDM ihlose futhi ukuletha ukuthuthuka kwezenhlalo ngokunciphisa ukusetshenziswa kwezimoto. Izinyathelo zeTDM zihlose ikakhulu ukuguqula ukuziphatha kwabasebenzisi bohlelo lwezokuthutha.

Isu leTDM kufanele lumise izinyathelo ezifanele ezihlose ukulawula izimfuno zokuthutha. Lezi zifaka izinyathelo imizila enezithuthi eziningi, izindawo okushiya kuzo izimoto bese kugitshelwa ezinye izithuthi, kanye namaphrogemu abaqashi okunciphisa ukuhamba ngezimoto, ukugibelisana lapho kuyiwa emsebenzini, izibonelelo zezimali ngokusebenzisa izithuthi zomphakathi esikhundleni kwezindawo zokupaka zabasebenzi, etc. Ezinye izinyathelo ezingakukhuthazi ukusetshenziswa kwezimoto ezinjengezimali ezikhokhwa kumatolgate, izimali zenhlawulo kanye nezimali ezikhokhelwa ukupaka noma kungacatshangwa imikhawulo ngokuba khona kwezindawo zokupaka.

Ukuze lisebenze ngempumelelo, isu leTDM ludinga ukwesekwa ngokuthuthukiswa okubonakalayo kohlelo lokuthuthwa komphakathi. Isu leTDM kufanele luchaze ukuthi izinyathelo ezihlongozwayo zizokwethulwa kanjani esikhathi seminyaka emihlanu ye-ITP ukushayisana nokuthuthukiswa kwezokuthuthwa komphakathi kanye nokuthuthwa okungasebenzisi izinjini. Kufanele kucatshangwe ngezimali ezitholakele kumatolgate, ezinhlawulweni noma ekukhokhelweni kwezindawo zokupaka.

Isahluko 9: Isu lokuthuthwa kwemithwalo (Freight transport strategy)

Iziphathimandla kwezokuhlela kufanele zenze isu lokuthuthwa kwempahla olubhekise ekuthuthweni kwempahla, ukusuka endaweni futhi kudabule phakathi kwayo leyo ndawo ngomgwaqo noma ngomzila wesitimela. Leli su kufanele likhombisa imizila yokuthuthwa kwempahla ukuze kwenziwe ngcono ukuhamba kwayo, kanye nokugwema ukushayisana nezinye izithuthi ezisebenzisa umgwaqo uma kuthuthwa imithwalo ngomgwaqo.

Isu lokuthutha impahla kufanele lifake isu lokuhambisa izinto ezinengozi ngomgwaqo eliseSigabeni 2(1) soMthetho othi Hazardous Substances uMthetho 15 ka-1973, kuhanjwa ngemizila ekhethiwe, njengoba kudingwa yiSigaba 37(3) kanye no-(4) soMthetho ngokwesu noma uhlelo lohloka lwezithuthi zomfundazwe.

Ezifundazweni ezingasogwini, uxhumano nokuthutha ngemikhumbi kufanele kucatshangwe lapho kunokwenzeka, ikakhulu ukuhanjiswa kwempahla isiwa noma isuswa emachwebeni. Ukwenza leli su iziphathimandla kwezokuhlela kufanele zibeke i*National Freight Logistics Strategy*, ka-2005 etholakala eMnyangweni Wezokuthutha.

Isahluko se-10: Amanye amasu aphantsi nezokuthutha (Other transport-related strategies)

Ngaphezu kwezidingo eziphansi ezibalulwe ngenhla, iziphathimandla kwezokuhlela kufanele ngaphezulu zenze kuCITP yazo amasu nezinhlelo eziphathelene nezihloko ezilandelayo:

- Ukuhamba kungasetshenziswa izithuthi ezisebenzisa izinjini (Non-motorised transport (NMT)): Isu lokuhamba kungasetshenziswa izithuthi ezihanjiswa ngezinjini kufanele lichaze izinyathelo ukuthuthukisa ukuhamba ngezinyawo nokugibela amabhayisikili kumasipala, futhi likhombise uxhumano oluhlongozwayo lokuhamba ngezinyawo nokugibela amabhayisikili (lapho lifisa ukusungula khona uxhumano), izinhlelo zokuthuthukisa uxhumano olukhona lwemigwaqo ukuze ukuhamba ngezinyawo nokugibela amabhayisikili kube sezingeni elingcono, izinyathelo zokukhuthaza izakhamizi ukuthi zihambe ngezinyawo noma zigibele amabhayisikili esikhundleni sokusebenzisa izithuthi ezihanjiswa ngezinjini, kanye nephrogremu yeminyaka emihlanu yokwakha uxhumano lweNMT kanye nokuthuthisa inguquko ekuziphatheni kwabantu. Isukufanele libhekise kungqalasizinda, isibonelo, izinyathelo ukulungisela iNMT ekuthuthukisweni okusha kwezindawo zokuhlala.
- Uvikeleka nokuphepha kokuthuthwa komphakathi: isu kufanele lichaze izinyathelo ezizosetshenziswa ukuthuthukisa ukuvikeleka ezingozini kanye nokuphepha ezenzweni zobugebengu kulabo abasebenzisa izithuthi zomphakathi. Lokhu kufanele kuncike ohlaziyweni olweyeme eminingwaneni yezimbangela kanye nezindawo okwenzeka kuzo lezi zinkinga. Ngokuvamile ukuvikeleka kuwukuvikeleka ezingozini ezingahlosiwe okunjengezingozi, kanti ukuphepha kuwuvikeleka ezingozini ezihlosiwe ezinjengezenzo zobugebengu kanye nobuphekula.
- Ukuvikeleka kwabasebenzisa imigwaqo: isu kufanele lichaze izinyathelo ezisothathwa ngumasipala ukunciphisa izinga lokulimala kanye nokufa kwabantu abasebenzisa imigwaqo. Isu kufanele leyame eminingwane eqoqiwe mayelana nezimbangela kanye nezindawo zokungqubuzana endaweni kamasipala.
- Ukugcinwa komthetho (imithetho yokusetshenziswa kwemigwaqo kanye nokuthuthwa komphakathi): isu kufanele lichaze izinyathelo ezibonakalayo kanye namalungiselelo ezinhlango azosetshenziswa ukuthuthukisa ukusimamiswa kokweqiwa kwemithetho yomgwaqo. Kufanele futhi lichaze izinyathelo ezizothathwa ukuqinisekisa ukuthi yizithuthi ezithutha umphakathi kuphela ezinamalayisense okusebenza futhi zihambisana nezimo zalawo malayisense ezizovunyelwa ukuba zisebenze. Omasipala abanabahambisi abaningi abangenawo amalayisense okusebenza kufanele bamise isu labo lokubhekana nale nkinga ukuze imithetho yokuthuthwa komphakathi isetshenziswe ngendlela efanele. Leli su kufanele lisho noma yiziphi izinyathelo ezithethwe ngaphansi kweSigaba 35 soMthetho.
- Ukuvakasha uma kufanelekile: isu kufanele lichaze ukuthuthukiswa kwezithuthi kanye nezinyathelo ezizobhekana nabavakashi ikakhulukazi, futhi lenze kube lula ukuvakasha endaweni.

- Amalungiselelo amasha ezikhungo uma kudingeka ukuthi kusungulwe uxhumano lweziphathimandla oluhlongozwayo kwiSu Lokuthuthwa Komphakathi (Public Transport Strategy) ukulawula kanye nokuhambisa uhlelo lokuthuthwa komphakathi.
- Uhlelo lokuthutha okunokufinyeleleka: Bonke omasipala kufanele bachaze amasu abo abawahlongozayo ukusebenzisa izinkonzo zokuthutha ezinokufinyelelwa kuzo zonke izindawo kuxhumano lwabo lokuthuthwa komphakathi ngokwengqalasizinda, izinhlelo, ulwazi lwabagibeli kanye nezithuthi.

Isahlukose-11: Iqoqo lezinhlelo zokuthutha ezihlanganisiwe endaweni ezenziwe ngomasipala bendawo esifundeni (Summary of local integrated transport plans in the case of district municipalities)

Kumasipala wesifunda lesi sahluko siyiqoqo lezabiwozimali okusebenza kwezokuthutha (okubandakanya ukwakhiwa kanye nokulondolozwa kwengqalasizinda yabo yezokuthutha esikhathini esiyiminyaka emihlanu, njengoba kwenziwe yiziphathimandlazendawo kwezohlelo(omasipala bendawo).Lesi sahluko asisebenzi mayelana namaCITP enziwe ngomasipala bamadolobha amakhulu.

Isahlukose-12: Isu lokuxhaswa ngezimali kanye neqoqo leziphakamiso namaphrogremu (Funding strategy and summary of proposals and programmes)

Lesi sahlukokufanele sibe nezingxenye ezilandelayo:

12.1 Iqoqo leziphakamiso

Leli su kufanele libe neqoqo lazo zonke iziphakamiso, amaprojekthi kanye namaphrogremu asohlelweni, kanye nezimali ezidingekayo entweni ngayinye, okubandakanya uxhaso lukahulumeni lwezimali kanye nezindlelo zokusebenza.Iziphakamiso namaprogremu kufanele kube ngezinokwenzeka ngokwezimali namayelana namandla eziphathimandla.Lapho kunokwenzeka, amaprojekthi kufanele enziwe ngesikhathi esifanele noma adluliselwe onyakeni olandelayo noma esikhathini esilandelayo sokuhlela.

Iziphakamiso namaphrogremu kufanele kuxhumane nendlela yalowo masipala yohlelo lokuthuthukisa oluhlanganisiwe (IDP) futhi lwakhe ingxenye yezithuthize-IDP njengoba kudingwa yiSigaba 31 soMthetho.

12.2 IsuLokuxhaswa ngezimali

Le ngxenye yesahluko 12 kufanele ithinte imithombo yokungena kwezimali kanye nemikhawulo yokuxhaswa ngezimali.

Isu lokuxhaswa ngezimali kufanele lufake iprogremu yezezimali enikeza imithombo elindelekile yezimali kanye nezilinganiso zokusetshenziswa kwezimali okuvela ekwenzeni, ekusetshenzisweni nasekusebenzeni kwamasu ahlukene ezokuthutha,

iziphakamiso, amaprojekthi nezinhlelo, esikhathini esiyiminyaka emihlanu okuzosetshenziswa ngaso uhlelo. Okugxilwa kukho kufanele kube sezenzweni ezinokwenzeka uma kubhekwa imithombo eqinisekisiwe yezezimali.

12.3 Ukubeka amaprojekthingokulandela kokubaluleka kwawo (Prioritisation of projects)

Zonke izenzo ezivezwe emaswini nasezinhlelweni ezehlukene kufanele zibekwe ngokulandela indlela elandela ukubaluleka kwazo nokwabiwa kwezimali, okuzokweyama emikhawulweni yokwabiwa kwezimali.

12.4 Isabiwozimali iphrojekthi nephrogremu ngayinye (Budget per project and programme)

Isu lokuxhasa ngezimali kufanele luphothulwe ngokwenziwa kwesabiwozimali kanye nephrogremu esikhathini esiyiminyaka emihlanu, okuzothi onyakeni wokuqala kunikezwe imininingwane engaphezulu kakhulu kuneyaseminyakeni emine elandelayo yalesi sikhathi.

Isahlukose-13: Ukubonisana nababambe iqhaza

Ubukhulu kanye nemiphumela yokubonisa nababambe iqhaza, okubandakanya abahambisi, abagibeli kanye nemiphakathi kufanele ichazwe. Ukuxhumana kanye nokubonisana nezikhungo zikahulumeni kanye nezinye izinhlelo zikahulumeni, ezinjengeMinyango Yezifundazwe, iPRE, iSANRAL, iPRASA, njll. Kufanele kufakwe.

Ukwenziwa kohlelo lwezokuthutha noma amaphrogremuezokuthuthwa kufanele kufakwe ekubonisaneni kanye nasekuhlanganyeleni kwamaqembu akuthakaselayo kanye nathintekayo adingekayo ekwenzenie izinhlelo zokuthuthukisa ezokuthutha ezihlanganiswe ngokweSahluko 4 kanye neSigaba 29(1)(b) soMthetho Kamasipala Wezinhlelo (Municipal Systems Act) noma umthetho osetshenziswa esikhundleni salowo. Kufanele futhi ukuthi kube nokuhambisana noMthetho Othuthukisa Ukuphathwa Kwezobungiswa uMthetho 3 ka-2000.

Indlela yokuhlanganyela komphakathi imele inikeze ukukhangisa okwanele kanye nokwethulwa kwe-ITP yokuqala bese inikeze bonke ababambe iqhaza ithuba lokusho okuthilenoma ukwenqaba. Iziphathimandla kufanele zicabange ngokushiwoyo nangokwenqatshwayo okutholakele, bese zibuyekeza i-ITP yokuqala uma kunesidingo, ngaphambi kokuyiphothula.

8.2 Izinhlelo zesifunda zezithuthiezihlanganisiwe (District Integrated Transport Plans (DITPs))

Bonke omasipala besifunda kufanele balungise **Uhlelo lwesifunda lwezithuthiezihlanganisiwe (iDistrict Integrated Transport Plan (iDITP))**. Lapho umasipala wendawo eyenzile iCITP, leyo CITP kufanele ifakwe njengengxenye yeDITP.

IDITP kufanele iveze ikakhulu isakhiwo esifanayo kanye nokuqukethwe yiCITP echazwe eSigabeni 8.1 futhi ekhonjiswe emdwebeni okuFigure 3, okuyi:

IQOQOELIPHELELE

Isahluko soku-1: Isingeniso

Isahlukosesi-2: Imibono nezinjongo zezokuthutha

Isahlukosesi-3: Irejista yezokuthutha

Isahlukosesi-4: Uhlaka Lokuthuthukiswa Kwendawo

Isahlukosesi-5: Ukuhlolwa Kokudingekayo Kwezokuthutha

Isahlukosesi-6: Uhlelo Lokuthuthwa Komphakathi

Isahlukosesi-7: Isu Lengqalasizinda Kwezokuthutha

Iqoqo leziphakamiso zengqalasizinda kusuka ezinhlelweni zokuthutha ezihlanganisiwe endaweni kamasipala phakathi nesifunda.

Isahlukosesi-8: Ukuphathwa Kwezimfuno Zokuhamba

Isahlukosesi-9: Isu Lokuthuthwa Kwempahla


Isahluko se-10: Amanye amasu aphantsi nezokuthutha

Isahluko se-11: Iqoqo lezinhlelo zokuthutha ezihlanganisiwe endaweni ezenziwe ngomasipala bendawo esifundeni

Isahluko se-12: Isu lokuxhaswa ngezimali neqoqo leziphakamiso namaphrogremu

Isahluko se-13: Ukubonisana nababambe iqhaza.

Nokho, ezinye izahluko zingahle zibe neminingwane engaphansi kakhulu kunalezo ezenziwe ngumasipala okuSheduli 1, futhi nezingxenyane ezidingekayo ngokweSigaba 8.1 kufanele zishiywe ngaphandle uma zingahambisani nesimo esithile sikamasipala wesifunda. Isibonelo, zingahle zingabibikho izinkonzo ezixhaswa yizimali zikahulumeni endaweni, zingahle zingabibikho izinkonzo zezitimela endaweni, noma umasipala angahle angahleleli ukuthatha izivumelwano nanoma yiziphi izinkonzo ezintsha. Amasu eTDM angahle abe angafanelekile kumasipala wesifunda esisemaphandleni lapho uhlelo lungenazo izinkinga zamandla nalapho ukusetshenziswa kwezimoto kunomkhawulo. Okuqukethwe yiDITP kufanele kushinthe ngendlela efanele.



* Plans, strategies or sections reflected in this diagram may be omitted if the particular context of the District Municipality means they have no relevance.

Figure 3: Okuphansi Okuqokethwe Wuhlelo Lwezokuthutha Ezihlanganisiwe Esifundeni (Minimum Contents of a District Integrated Transport Plan)

8.3 UhleloLwezokuthutha Ezihlanganisiwe Endaweni (Local Integrated Transport Plan (LITP))

Uhlelo Lwezokuthutha Ezihlanganisiwe Endaweni (Local Integrated Transport Plan (LITP)) kufanele lwenziwe njalo eminyakeni emihlanu ngumasipala wendawo ngamunye bese luthunyelwa kumasipala wabo wesifunda.Lolu hlelo kufanele lubuyekwezwe njalo ngonyaka uma kunesidingo.(Omasipala bendawo abasohlwini lweSheduli 1 yoMthetho kufanele benze iCITP).Uhlelo kufanele lwenziwe njengosithasiseloseDITP futhi luhambisane nesikhathi sokwenziwa kweDITP. ILITP kufanele ibe nezahluko njengoba kukhonjiswe ngomdwebo okuFigure 4 futhi nanjengoba kuchazwe ngezansi:




Figure 4: Okuphansi Okuqukethwe Wuhlelo Lwezokuthutha Endaweni (Minimum Contents of a Local Integrated Transport Plan)

Isahluko soku-1: Isingeniso

Isingeniso kufanele sisho umthwalo wekweninziwa kweLITP, izinga lokuhlela kanye nesikhathi uhlelo olusetshenziswa ngaso.

Isahlukosesi-2: Isimo esikhona kwezokuthutha(Transport *status quo*)

Isimo esikhona kwezokuthutha kufanele sibe—

- nohlu lwemigwaqo ewumthwalo walowo masipala, okubandakanya isimo sayo; kanye
- nohlu lwezinto eziphathelene nezokuthuthwa komphakathi eziwumthwalo kamasipala wendawo, okubandakanya izimo zazo (lolu hlu lungedluliswa lusiswa kuTR eyenziwe ngumasipala wesifunda lapho lowo masipala wendawo ekhona)

Isahlukosesi-3: Ukuhlolwa kokudingekayo kwezokuthutha

Indlela elandelwe ukukhomba ukuthuthukisa nokulondolozwa kwezidingo zayo yonke imigwaqo kanye nezinto ezihambisana nokuthuthwa komphakathi ezingumthwalo kamasipala wendawo kufanele zichazwe.Lolu lwazi lungahle lutholakale ku-IDP kamasipala, uma lukhona.Uma lungekho ku-IDP, kufanele lutholakale ngokubonisana nababambe iqhaza noma ngezinye izindlela.

Isahlukosesi-4: Iziphakamiso zokuthuthukiswa kwezokuthutha

Amaphrojekthi ehlukeni akhonjiwe ngendlela esesahlukweni sesi-3 ngenhla kufanele afakwe ohlwini bese enikezwa ukubaluleka.Ezokuthutha ezingaqhutshwa

ngezinjini kanye nokusebenzisa izithuthi ezingezona ezomphakathi kufanele kufakwe.

Isahlukosesi-5: Ukusetshenziswa kwezabiwozimali namaphrogremu

Isabiwozimali kanye nephrogremu yesikhathi esiyiminyaka emihlanu kufaneleyenziwe kuwo wonke amaphrojekthi anikezwe ukubaluleka okuphakeme njengoba evezwe esahlukweni sesi-4, okuzokuthi unyaka wokuqala ube ngonemininingwane eminingi kuneyeminyaka emine elandelayo. Kufanele kubhekwe izinto ezintsha eziphathelene nezokuthutha kanye nokulondolozwa kwezinto ezikhona eziphathelene nezokuthutha.

Ngamaphrojekthi anikezwe isabiwozimali kuphela esikhathini seminyaka emihlanu yokuhlela futhi anethuba elibonakalayo lokusetshenziswa kufanele afakwe, okubandakanya amaphrojekthi kazwelonke nawesifundazwe kumasipala wendawo.

Isahlukosesi-5 kufanele sibuyekezwe njalo ngonyaka.

9. UKUSUSWA KWEZIDINGO ZANGAPHAMBILI ESIKHUNDLENI

Incwajana esihloko sithi "Integrated Transport Plans: Minimum Requirements in terms of the National Land Transport Transition Act" eshicilelwe ku*Government Gazette* engunombolo 30506 ngomhlaka-30 Novemba 2007 ngaphansi kweGovernment Notice No.R 1119 iyasuswa esikhundleni sayo kufakwa le Sheduli ngokweSigaba 36(2) seNational Land Transport Act sensational Land Transport Act, ka-2009 (Act No.5 ka-2009), njengoba kuvunyelwene ekubonisaneni noMphathiswa.

10. IZIMISELONGESIKHATHI SOSHINTSHO

Kusuka ngosuku ezizosebenza ngalo lezizidingo, iziphathimandla kwezokuhlela kufanele bazihambisane nalezi Zidingo ekubuyekezeni noma ekwenzeni kabusha ama-ITP azo, noma ekuwathuthukiseni uma engathuthukisiwe. Noma yikuphi ukuhlela okwenziwa ngokwezidingo zangaphambili kuzoba ngokuyiqiniso njengokuhlela okwenziwe ngokwale Mithetho, ngaphandle kwalapho zishayisana noMthetho noma le Mithetho.

UMTHETHO KAZWELONKE KA-2009 WEZOKUTHUTHA EZWENI (UMTHETHO 5 KA-2009)

IMITHETHO NGOKWESIGABA 29(1) SOMTHETHO KAZWELONKE WEZOKUTHUTHA EZWENI NGEZIKHATHI ZOSHINTSHO (REGULATIONS IN TERMS OF SECTION 29(1) OF THE NATIONAL LAND TRANSPORT TRANSITION ACT)

Ngokwesigaba 38(1) soMthetho kaZwelonke Wezokuthutha Ezweni, ka-2009, (UMthetho NO. 5 ka-2009), Mina, uDipuo Peters, uNgqongqoshe Wezokuthutha, ngenze imithetho kuleSheduli.

Dipuo Peters MP
UNQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA

ISHEDULI

Izincazelo

1. Kule mithetho, ngaphandle kwalapho isimo sisho okwehlukile, noma yiliphi igama noma isisho esinencazelo eMthethweni sinaleyo ncazelo, igama elithi “uMthetho” lisho uMthetho kaZwelonke Wezokuthutha Ngemigwaqo Ezweni, ka-2009, (uMthetho No. 5 ka-2009).

Imininingwane yezinhlelo zokuthutha ezoshicilelwa

2.(1) Ngemuva kokugunyaza uhlaka olwenziwe ngesu lukazwelonke lwezokuthutha ezweni (national land transport strategic framework (NLTSF), uNgqongqoshe kufanele ashicilele imininingwane elandelayo ku*Government Gazette*:

- (a) Isitatimende sokuthi iNLTSF igunyaziwe futhi iyatholakala ukuba ingahlolwa ngesikhathi sasemini endaweni ethile nokuthi amakhophi ayatholakala, mahhala noma ngentengiso echazwe esazisweni;
- (b) isitatimende esifushane senjongo kanye nezinhloso zeNLTSF;
- (c) lapho iNLTSF ishicilelwe ku*Government Gazette*, kube khona ukubhekisa kuleyo *Government Gazette*.

(2) Ngemuva kokugunyazwa kohlaka lokuthutha ezweni esifundazweni, uMphathiswa kufanele ashicilele imininingwane elandelayo ku*Provincial Gazette*:

- (a) Isitatimende sokuthi uhlelo lugunyaziwe futhi luyatholakala ukuba lungahlolwa ngesikhathi sasemini endaweni ethile nokuthi amakhophi alo ayatholakala, mahhala noma ngentengiso echazwe esazisweni; kanye
- (b) nesitatimende esifushane senjongo kanye nezinhloso zohlelo.

(3) Ngemuva kokugunyazwa kohlelo lwezokuthutha ezihlanganise izithuthi ezehlukene, iziphathimandla kwezokuhlela kufanele zishicilele imininingwane elandelayo ku*Provincial Gazette*

- (a) Isitatimende sokuthi uhlelo lugunyaziwe futhi luyatholakala ukuba lungahlolwa ngesikhathi sasemini endaweni ethile nokuthi amakhophi alo ayatholakala, mahhala noma ngentengiso echazwe esazisweni;
- (b) isitatimende esifushane senjongo kanye nezinhloso zohlelo; kanye
- (c) neqoqo lamaphrojekthi namaphrogremu anikezwa ohlelweni.

Ukuchithwa kwemithetho yangaphambili

3. Lapha kuchithwa iMithetho kaZwelonke Yezokuthutha Ezweni Ngokushicilelwa Kwezinhlelo Zokuthutha, ka-2007 ngaphansi Kwesaziso sikaHulumeni R. 1120 kuGovernment Gazette 30506 ka-Novemba 2007.

Isihloko esifushane nokuqalisa

4. Le mithetho yaziwa ngokuthi yiMithetho kaZwelonke Yokuthutha Ezweni (National Land Transport Regulations) mayelana Nokwenziwa Kwezinhlelo Zokuthutha Ezihlanganisiwe, zika-2014, nezizosebenza ngosuku ezizoshicilelwa ngalo ku*Government Gazette*.

Isithasiselo soku-1

IZIDINGO ZEMININGWANE EPHANSI NGEREJISTA YEZOKUTHUTHA

Imininingwane echazwe kulesi sithasiselo iqukethe Izidingo Eziphansi zokwenza iRejista Yezokuthutha.

1. Isingeniso

Isingeniso kufanele sinikeze incazelo ecacile yendawo eyenzelwa iRejista Yezokuthutha, ubunjalo beziphathimandla kwezokuhlela ezifanele kanye nesikhathi okuqoqwe ngaso imininingwane. Kufanele futhi siveze izinsuku kanye nobukhulu bokubuyekeza kwanoma yimiphi imininingwane. Kumasipala wesifunda, kufanele sisho ukuthi lowo masipala noma umasipala wendawo ogagulwe ngegama noma omasipala bayenzile yini iTR.

2. Indlela yokwenza

Incazelo emfushane yendlela ezolandelwa ekuthuthukiseni iTR kufanele inikezwe, okubandakanya—

- izinhloko ezehlukene ezenziwe kanye nokuxoxisana nabantu ukuze kutholwe ulwazi olusemqoka;
- ukusebenzisana nabanye abantu kanye nezinhlango ezinjenge Provincial Regulatory Entity (iPRE) kanye nabahambisi bezithuthi zomphakathi nososesheni;
- incazelo yolwazi olutholakele kuPRE, Ohlelweni Lokuphatha Amalayisense (i-OLAS), kwizinhlelo zokulawula izindlela zikamasipala zabahamba ngezinyawo eduze nemigwaqo (PMS), ukubalwa kwabantu kuzwelonke, kanye nezinye izizinda zokugcina ulwazi emakhompyutheni kanye nezinhlangano; kanye
- nezinyathelo ezilandelwe ukuyihlola mayelana nokwethembeka kanye nobuqiniso bayo.

Ulwazi olutholakele, okubandakanya izinhloko, kufanele zifakwe usuku ngendlela efanele.

3. Irekhodi

3.1 *Ulwazi ngokwezibalo zabantu*

Kufanele kunikezwe ulwazi ngezibalo zabantu kanye noluphathenele nezomnotho womphakathi mayelana nendawo: abantu abahlala endaweni nencazelo yabantu ngokwamaholo, ubudala ngeminyaka, izinga lemfundo kanye nokuba ngumnikazi wemoto, kanye nozinqubo nezinguquko.

3.2 *Ukuqoqa jikelele kohlelo lwezokuthutha*

Lesi sigaba kufanele sinikeze iqoqo jikelele lohlelo lokuthutha. Kufanele sisho ukwehluka phakathi kwezithuthi ezingasizo ezomphakathi, ezingezomphakathi (ngendlela yokuthutha) kanye nezindlela zokuthutha ezingasebenzisi izithuthi eziqhutshwa yizinjini mayelana nokuya emisebenzini, ezikhungweni zemfundo kanye nezinye izindlela ezithathwayo ekuseni osukwini olujwayelekile phakathi neviki ngesikhathi esiphuthumayo. Kufanele siveze amazinga okungeneliseki ngezinto ezehlukene zohlelo lokuthutha kanye nezindlela ezehlukene zokuthuthwa endaweni, okubandakanya izikhathi zokuhamba, izindleko zokugibela, ukuba khona nokufinyeleleka kwezithuthi, ukuvikeleka kanye nokwethembeka kwezinkonzo zokuthuthwa komphakathi. Kufanele siveze isikhathi esiyi-avereji sokuhamba ukuya emisebenzini, ezikhungweni zemfundo, isikhathi sokuhamba ukuya ezithuthini zomphakathi ngendlela yokuthutha, kanye nephesenti lemindeni echitha imali engaphezu kuka-10% wamaholo abo ngezithuthi zomphakathi. Kufanele iveze izibalo zokuvikeleka emigwaqweni kuleyo ndawo. Imniningwane eminingi kuzodingeka ukuthi itholakale ngezinhlobo zokugibela ezizokwenziwa emindenini.

Omasipala abakuSheduli 1 kufanele benze uhlobo lokugibela lomndeni oluyisampula emele iphesenti elilodwa lwemindeni endaweni ye-ITP njalo eminyakeni eyishumi, futhi ama-TR abo kufanele aveze lapho uhambo luqale khona kanye nalapho lugcine khona ngokubheka ngesu indawo ehanjwa yizithuthi ekuseni ngesikhathi esiphuthumayo, indlela yokuthutha nangenhloso yokwenza lolo hambo.

Mayelana nalo lonke ulwazi, izinguquko eziqhathaniseka nokutholakele kumaTR angaphambili kufanele zivezwe bese kuhlaziywa izinqubo.

3.3 *Incazelo yohlelo olujwayelekile, lwansuku zonke lokuthuthwa komphakathi (Description of the regular, daily public transport system)*

3.3.1 Isingeniso

Ulwazi ngokutholakala kanye nangokusetshenziswa kwazo zonke izithuthi zomphakathi endaweni ye-ITP kufanele luchazwe. Lokhu kufanele kubhalwe phansi emathebulini (kuma-spreadsheets noma kumadatabase), ngendlela enikeza yonke imininingwane naqoqo, kanye nolwazi ngendawo, olunjengezinto eziphathelele

nezokuthuthwa komphakathi kanye nemizila, kufanele kubhalwe phansi kuGeographic Information System (GIS) ukuze yonke imininingwane ikwazi ukuphinde ibhekwe, iqhathaniswe neminye imininingwane yeGIS kamasipala.

3.3.2 Ulwazi lwabagibeli bezitimela (Commuter rail information)

3.3.2.1 Inggalasizinda yezitimela (Rail Infrastructure)

Abagibeli bezitimela endaweni kufanele bachazwe futhi kuthathwe nerekhodi labo, ukuveza izindawo zazo zonke iziteshi zezitimela, isibalo kanye nezindawo zemizila ehlukene kanye nobude bomzila ngamunye, kanye nokusebenza kwalowo mzila (ngamahora okuphuthuma kanye nesikhathi sokuphuthuma).

Izitimela ezisetshenziswayo umzila ngamunye kufanele nazo zichazwe (isibalo samakalishi ngokohlobo, ubukhulu kanye neminyaka).

3.3.2.2 Izinkonzo zezitimela kanye nokusetshenziswa kwazo (Rail services and their utilisation)

Izinkonzo (imizila) ezehlukene yezitimela kufanele zichazwe futhi kuthathwe nerekhodi lazo umzila ngamunye, okubandakanya ubude bomzila, izikhathi zokulandelana kwezitimela, (ngamahora okuphuthuma, ngezikhathi zokuphuthuma, nangezikhathi ezingaphuthumi), ubuningi babagibeli esitimeleni ngasinye, umphumela wamandla enkonzo emzileni ngamunye (ngamahora okuphuthuma nangesikhathi sokuphuthuma), kanye nesibalo sabagibeli abathwelwe yizitimela emzileni ngamunye (ngamahora okuphuthuma nangesikhathi sokuphuthuma). Ukusetshenziswa komzila wesitimela kanye nokusetshenziswa kwaandla enkonzo umzila ngamunye kufanele kubalwe bese kubhalwa phansi.

IPRASA kufanele inikezele kuziphathimandla kwezokuhlela ngolwazi ngemizila yezitimela, ubungakho bemizila, ubungakho bezinkonzo kanye nobungakho bokusetshenziswa ngokwezibalo zabo zakamuva.

3.3.3 Ulwazi ngezithuthi zomphakathi ezisebenzisa imigwaqo (Road-based public transport information)

3.3.3.1 Ulwazi ngemizila yamabhasi aziwa ngeleBus Rapid Transit, yamabhasi namatekisi angamakhumbi (Bus and Minibus-taxi infrastructure and route information)

Inggalasizindayamabhasi aziwa ngeleBus Rapid Transit, yamabhasi kanye namatekisi:

Kufanele kubhalwe phansi zonke izinto eziphathelene nezokuthutha (amarenke, izitobhu, izindawo okushintshwa kuzo izithuthi, iziteshi, izindawo zokulinda, amarenkeamatekisi angamakhumbi angekho emthethweni, kanye nezindawo ezinkulu zokugibela emaphandleni) nemininingwane ekhonjiswe eThebulini 1. Eminye imininingwane kufanele inikezelwe nethebuli lishintshwe ngendlela efanele.

ITHEBULI1: Uhlu lwezinto eziphatelene nokuthuthwa komphakathi ezisebenzisa umgwaqo

Inombolo.	Igama	Ikhodi	Indawo (Incazelo)	Indlela*	Uhlobo lwezinkonzo*	Indawo yokulinda/ Yokuthwala/ Kuhlalane**	Esemthethweni nomaengasis emthethweni (F/I)	Emgwaqweni/Ngekho emgwaqweni	Isibalo sezindlwana (ezisemthethweni kuphela)
1.									
2.									
3.									
4.									
N									

* *Mayelana nezindlela zokuthutha, yehlukanisa phakathi kwezinkonzo zamabhasi aziwa ngeleBRT, zamatekisi angamakhumbi nezamabhasi*

** *Mayelana nohlobo lwenkonzo, yehlukanisa phakathi kwezinkonzo zabagibeli, zezithuthi zamabanga amade, zezithuthi esisebenza phakathi nesifunda kanye nezithuthi ezeqa imingcele*

*** *Shono uma leyo nto ephathelene nezokuthutha ingeyokugibeza abagibeli, eyokulinda kwezithuthi noma kokubili kuhlalane*

Izincazelo zemizila yamabhasi aziwa ngeleBRT, zamabhasi namatekisi angamakhumbi (BRT, bus and minibus-taxi route descriptions)

Incazelo egcwele kufanele inikezwe ngomzila ngamunye okusebenza kuwo izinkonzo zezithuthi zomphakathi, okubandakanya incazelo yalapho umzila uqala khona kanye nendawo ephelela kuyo kanye nawo wonke amagama emigwaqo okudlula kuwo lowo mzila, kanye nezindawo okugitshezwa kuzo abagibeli nalapho behla khona. Incazelo kufanele ibe neminingwane eyanele ukuba ingabhalwa ohlelweni lweGIS, futhi isetshenziswe kumalaysense okusebenza kanye naku-OLAS, Isibonelo esilandelayo sinikeziwe:

Ukusuka kuWynberg ukuya kuGrosvenor Crossing Mall: Ukusuka kuPan Africa Taxi Rank (kuWatt Ave, Wynberg phakathi kuka-3rd no-2nd Str), L-Watt Ave, L – Pretoria Main Road, R – Andries Street South, L – Grayston Drive, R- Rivonia Rd, L – Summit Rd ... Bryanston Drive, L- Main Rd, R-Grosvenor Crossing Mall (ekhoni likaGrosvenor, William Nicol Dr noMain Rd)

Lapho angaziwa khona amagama emigwaqo, kufanele kusetshenziswe amagama ezindawo zaselokishini noma izinombolo kanye nezimpawu ezikhona, ezinjengezikole, amasonto, amahhovisi emantshi, amagalaji, izikhungo zemidlalo noma zokuchitha isizungu, izindawo ezibalulekile noma izinombolo zezindlu. Izincazelo zemizila azidingekile mayelana namatekisi angamakhumbi akhokhelwe ngebanga elihanjiwe noma mayelana nayiphi enye indawo noma izinkonzo ezisebenzisa izindlela ezehlukile zokubekisa izimpawu, kodwa lapho kunamaphemithi ezinkonzo ezindaweni ezeyeme endleleni ehlukele yokubekisa izimpawufuthi ezingaguqulelwe kumalaysense okusebenza emizila ethile njengoba kudingwa wuthetho, imizila kanye/noma uxhumano olusetshenziswayo kufanele lushiwo futhi luqasheleliswe.

Imizila kanye noxhumano olusetshenzelwa izinkonzo ezisebenza ngaphandle kwamalaysense okusebenza noma amaphemithi (ngokungekho emthethweni) kumela nawo afakwe.

Amathebuli alandelayo kufanele agcwaliswe:

ITHEBULI2: Izincazelo Zemizila (lonke usuku)*

Inombolo	Indlela**	Ikhodi	Lapho isithuthi sisuka khona	Lapho siphelela khona	Incazelo yomzila
1.					
2.					
3.					
4.					
N					

* Lokhu kufanele kufane nezincazelo zemizila okufanele ekumalaysense okusebenza noma ekhona vele kumalaysense okusebenza, futhi izincazelo eziku-OLAS kufanele nazo zibe nazo lezi zincazelo.

** Indlela yokuthutha ibhekise ezinkonzweni yeBRT, zamatekisi angamakhumbi noma zamabhasi futhi kufanele ibe nolwazi ngokujwayelekile nsuku zonke ("umgibeli", umfundi, njll.), izinkonzo zezithuthi ezihamba amabanga amade, izinkonzo zezithuthi esisebenza phakathi esifundazweni kanye nezeqa imingcele.

Ngaphezu kwalokhu, ulwazi okukhonjiswe eThebulini 3 kufanele luqoqwe futhi lunikezelwe mayelana nomzila ngamunye.

ITHEBULI 3: Imizila njengoba ivezwa yizinto eziphathelele nezokuthutha (Routes as identified by facility)

Inombolo	Indlela*	Irenke okusukwa kuyo/Isitobhi		Irekhi okuphelelwa kuyo/Isitobhi		Ikhodi yomzila	Ibanga lomzila(km)	Isikhathi sohambo(Indlela ngayinye)**	Isikhathi esisetshenzisiwe(Cycle Time)***
		Igama	Ikhodi	Igama	Ikhodi				

* Mayelana nendlela, kufanele wehlukane phakathi kweBRT, itekisi noma ibhasi

** Isikhathi sohambo ngemizuzu, uhambo oluya phambili kuphela

*** Ukufaka isikhathi sokusuka endaweni okusukwa kuyo, isikhathi sokuphuma, isikhathi sokufika endaweni okuphelelwa kuyo kanye nesikhathi sohambo olubuyayo

Izimali zokugibela

ITR kufanele inikezele ngohlelo lwezimali zokugibela olusetshenziswa ngumhambisi ngamunye. Ukwakheka kohlelo lwezimali zokugibela, amazinga azo kanye nedlela yokuqoqwa kwayo kanye nezinhlobo zeziphulelo noma izimali zokugibela ezikhethekile kufanele zichazwe. Ulwazi ngezimali zokugibela ezibizwa emzileni ngamunye kufanele zitholakale kubahambisi noma kubasebenzi bososesheni

bamatekisi angamakhumbi noma ngesikhathi sezinhlolo ezizokwenziwa emarenkeamatekisi angamakhumbi, futhi kufanele zibhalwe phasi njengoba kukhonjisiwe eThebuli 4:

ITHEBULI 4: Izimali zokugibela umzila ngamunye (Fares per route)

Ino mbo lo	Ikhodi yomzila	Indlela	Umhambisi (usosesheni wamatekisi angamakhumbi noma igama lenkampani yamabhasi)	Lapho umzila uqala khona	Lapho umzila uphelela khona	Ibanga lomzila	Imali yokugibela uhamba ngalunye	Imali yokugibela ngeviki uhambo ngalunye	Usuku

Uma izimali zokugibela zeyeme ebangeni elihanjwayo kunomzila ngamunye, Ithebuli 4 kufanele lilungiswe ngokufanele ukuveza umehluko phakathi kwamabanga kunakhodi, lapho uhambo luqale khona nalapho luphelela khona.

3.3.3.2 Ubungakho bezinkonzo nokusetshenziswa kobungakho kwezindlela zokuthutha ezisebenzisa imigwaqo ngesikhathi sokuphuthuma (Service capacity and capacity utilisation of road-based modes in the peak period)

Ukuqoqwa kwemininingwane nezinhlolo zezithuthi ezisebenzisa imigwaqo (Route-based data collection and surveys)

Ubungakho bezinkonzo zezithuthi ngasinye esisebenzisa imigwaqo (amaBRT, amabhasi (abagibeli), amatekisi angamakhumbi (abagibeli), amatekisi angamakhumbi ahamba amabanga amade, kufanele busugulwe ngokuthola ulwazi olulandelayo:

Ukuthuthwa komphakathi okusebenzisa umgwaqo umzila ngamunye (Road-based public transport per route):

- Ubungakho bezithuthi (isibalo samatekisi angamakhumbi kanye nesibalo samabhasi ngokohlobo)
- Izikhathi zokulandelana kwamatekisi angamakhumbi namabhasi (isikhathi sokuphuthuma)
- Ubungakho bezinkonzo ngendlela yokuthutha phakathi kwendawo okusukwa kuyo nendawo okuphelelwa kuyo emzileni ngamunye

Ukuphindeka kwezithuthi (isibalo sokuthutha) emzileni ngamunye nobungakho bezinkonzo (isibalo sezihlalo kanye nendawo yokuma ekhona esibalweni sezithuthi

sezizonke) kufanele kubhalwe phansi kusulelwa ezinhlelweni (mayelana nezinkonzo ezihleliwe) noma ezinhlelweni (mayelana nezinkonzo ezingahleliwe). Umzila ngamunye osebenzisa umgwaqo kufanele uhlolwe mayelana nesikhathi samahora amathathu okuphuthuma, endaweni okusukwa kuyo (isibonelo indawo okusukwa kuyo mayelana namatekisi angamakhumbi, noma kwenye indawo emzileni osetshenziswayo mayelana namabhasi) isikhathi esiphezulu esisetshenziswayo, ukuthola ulwazi lokusetshenziswa umzila ngamunye. Imininingwane ekhonjiswe eThebulini 5 kufanele iqoqwe ohlolweni, bese ifakwa kumaspreadsheet noma kumadatabase, bese iqhathaniswa neminingwane kuGIS database. Le mininingwane kufanele ibe yiqoqo yeTR njengoba kukhonjisiwe eThebulini 6.

ITHEBULI 5: Ukuba khona nokusetshenziswa kwezithuthi ezisebenzisa umgwaqo ngesikhathi sokuphuthuma umzila ngamunye (Road-based vehicle supply and utilisation in peak period per route)

Igamala lokuphathelene nezokuthutha*	Ikhodi yalokho okuphathelene nezokuthutha	Umzila usuka kuphi	Umzila uphelela kuphi	Ikho di yomzila	Umhambi si (usoseshi ni wamatekisi angamakhumbi noma inkampani)	Inombolo yokubhaliswa kwesithuthi	Ubukhulu besithuthi (izihlalo)	Isibalo sabagibeli ngesikhathi isithuthi sisuka	Isikhathi sokusuka kwesithuthi	Usuku

*Noma chaza indawo lapho uhlolo lwenzelwe khona uma lungezehlwa endaweni ephathelene nezokuthutha

ITHEBULI 6: Iqoqo lobungakho sebubonke bezokuthuthwa komphakathi nokusetshenziswa ngokugcwele kwezokuthuthwa umzila ngamunye esikhathini esingamahora amathathu okuphuthuma (Summary of total public transport capacity and maximum utilisation per route in three-hour peak period (road-based))

Inombolo	Ikhodi yomzila	Indawo okwenzelwa kuyo uhlol *	Indlela	Isibalo sokuthuthwa	Ubungakho besithuthi obuyi-avereji	Ubungakho benkoznzo	Isibalo sabagibeli	i-% lokusetshenziswa **	Isikhathi sohlolo (Ekuseni noma ntambama)

Uhlolo lokuvinjelwa olugxile endaweni

- Inhloso yalolu hlolo ukuqinisekisa ukuthi konke ukuhanjiswa ngezithuthi zomphakathi kuyahlolwa, ikakhulu lokho okungasuki emarenke ezithuthi zomphakathi. Banganikezela ulawulo oluphelele ngezithuthi ezisuka endaweni ephelele. Banganezezela ngezinhlobo zezithuthi ezisebenzisa umzila, kodwa abakwazi ukuzishintsha ngenxa yokuthi zingekke zikwazi ukuthola umzila isithuthi esikuwo uma sedlula indawo yokuhlola.
- Izindawo zokuhlola kufanele zikhethwe ngokucophelal ukuze zibambe konke ukuhanjiswa ukuqala endaweni ekhethiwe.
- Ukubhaliswa nokuhlalwa kwezithuthi kufanele kuhlolwe emigwaqweni emikhulu eziphakela icala eliyisisusa sokuhanjiswa.
- Zonke izithuthi ezisuka ekuhanjiseni okuyisisusa kufanele ziqashelwe.
- Ithebuli elilandelayo kufanele ligcwaliswe.

ITHEBULI7: Uhlolo lokuvinjelwa

Inombolo	Isikhathi*	Inombolo okubhaliswa kwesithuthi	Uhlobo lwesithuthi			Ubukhulu besithuthi	Isibalo sabagibeli	esilinganiswe
			Articulated bus	Standard bus	Minibuses			

* *Isikhathi sokuqaphelisisa esishiyana ngemizuzu eyi-15*

3.3.4 Uhlolo olungaphezulu

Iziphathimandla zingahle ziqoqe ulwazi olungaphezulu uma kudingeka. Isibonelo, ngesikhathi kuhlolwa izithuthi ezisuka emizileni, kungahle kungabizi ukuxoxisana nabagibeli emzileni ngamunye ngesikhathi esifanayo mayelana nezikhathi zokulinda noma izinkinga zemizila ethile. Uhlolo lwesikhathi sokulinda lungenziwa ngesikhathi sohlolo lwerenke yamatekisi angamakhumbi ukunezezela ulwazi ngokusetshenziswa kwezithuthi okungaphansi noma okungaphezulu emizileni. Ulwazi ngesimo sezinto eziphathelene nezokuthutha, kanye nezinkonzo ezikhona, nacho kungaqoqwa ngesikhathi sohlolo lwabagibeli uma kunesidingo, futhi kufakwe esikhungweni solwazi esikumakhompyutha. Ulwazi lwezimpelasonto kanye nezikhathi ezingaphuthumi nalo lungaqoqwa uma kunesidingo.

3.4 Ezinye izinkonzo zokuthuthwa komphakathi

Incazelo yezinye izinkonzo zokuthuthwa komphakathi kanye nezindlela zokuthutha: Nikeza iqoqo lendawo kanye nobukhulu bokwenziwayo uma kukhona kanye nesimiselo sengqalasizindamayelana:

- Namatekisi angamakhumbi okhokhelwa ngebanga eliwahambile

- Ngezinkonzo zezithuthi ezihamba amabanga amadekanye nezeqa imingcele(okungafaki izinkonzo ezichazwe ngaphansi kweSigaba 3.3 ngenhla)
- Izithuthi zabafundi (okungafaki izinkonzo ezichazwe ngaphansi kweSigaba 3.3 ngenhla)
- Non-motorised transport Ezokuthutha ezingaqhutshwa ngezinjini
- Izithuthi zokuthuthwa komphakathi ezimasondomabili noma amathathu

3.5 Izinkampani nososesheni bezokuthuthwa kompakathi

Incazelo yokumiswa kwenhlangano yemboni yokuthuthwa komphakathi: Irejista kufanele ibe neminingwane yezinkampani kanye nososesheni abakha iBRT, amabhasi, amatekisi angamakhumbi, amatekisi akhokhelwa ngebanga eliwahambile kanye nezinye izimboni:

- Ngokwegama lenkampani/ likasosesheni
- Ukuhlanganiswa kwezithuthi kanye nobukhulu bazo kanye nobudala bezithuthi ngaphansi kolawulo lwazo
- Izindawo noma imizila okuhlinzekwa kuyo izinkonzo

3.6 Izigwaqo nezithuthi

Ulwazi lwemigwaqo nezithuthi kufanele lutholakale kuPavement Management System (PMS) kanye namaphrogremu okubalwa kwezithuthi kweziphathimandla kwezokuhlela kanye nezibonelo zokuthuthwa lapho zikhona. Okulandelayo kufanele kubhalwe phansi:

- Imininingwane yoxhumano lwemigwaqo emikhulu mayelana nobunikazi (iziphathimandla zemigwaqo), kanye nobude bemigwaqo nohlobo lokusebenza komwaqo.
- Isimo semigwaqo emikhulu oxhumanweni lukamasipala (isimo esibi kakhulu, esibi, esiphakathi naphakathi, esihle noma esihle kakhulu). Izinguquko ezimeni zemigwaqo ekuhambeni kwesikhathi.
- Izinga lokuqwabeka ezihlelweni zemigwaqo emikhulu, kushiwo ubude bomgwaqo osebenzayo ngamandla alingene noma angaphezulu ngehora lokuphuthuma. Kanye nezinguquko emazingeni okunqwabelana ekuhambeni kwesikhathi.

3.7 Ukuthuthwa kwemithwalo

Imizila emikhulu okuthuthwa kwemithwalo kumasipala kanye nanoma yiziphi izinkinga ezidalwe noma ukuvimvela wukuhanjiswa kwemithwalo kufanele kuchazwe. Kufanele kufakwe imizila ekhonjiwe mayelana nokuhamba ngezithuthu ezithutha izimpahla ezinesisindo ezingajwayekile noma izimpahla eziyingozi. Kufanele kuchazwe izinyathelo ezithethwe ukubhekana nokuthwala ngaphezulu.

3.8 *Ulwazi ngezezimali*

Kufanele kuchazwe imithombo yokutholakala kwezimali zohlelo lwezokuthutha kanye nokusetshenziswa kwazo ngumasipala. Ukusetshenziswa kwezimali ngonyaka yizihlangano ezingezikahulumeni endaweni ye-ITP ngengqalasizinda nangezimali zokusebenza ezixhaswe nguhulumeni (SANRAL, PRASA, nesifundazwe) kufanele kuchazwe.

NOTICE – CHANGE OF TELEPHONE NUMBERS: GOVERNMENT PRINTING WORKS

As the mandated government security printer, providing world class security products and services, Government Printing Works has adopted some of the highly innovative technologies to best serve its customers and stakeholders. In line with this task, Government Printing Works has implemented a new telephony system to ensure most effective communication and accessibility. As a result of this development, our telephone numbers will change with effect from 3 February 2014, starting with the Pretoria offices.

The new numbers are as follows:

- Switchboard : 012 748 6001/6002
- Advertising : 012 748 6205/6206/6207/6208/6209/6210/6211/6212
- Publications Enquiries : 012 748 6052/6053/6058 GeneralEnquiries@gpw.gov.za
- Maps : 012 748 6061/6065 BookShop@gpw.gov.za
- Debtors : 012 748 6060/6056/6064 PublicationsDebtors@gpw.gov.za
- Subscription : 012 748 6054/6055/6057 Subscriptions@gpw.gov.za
- SCM : 012 748 6380/6373/6218
- Debtors : 012 748 6236/6242
- Creditors : 012 748 6246/6274

Please consult our website at www.gpwonline.co.za for more contact details.

The numbers for our provincial offices in Polokwane, East London and Mmabatho will not change at this stage.

Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001

Publications: Tel: (012) 748 6052, 748 6053, 748 6058

Advertisements: Tel: (012) 748 6205, 748 6208, 748 6209, 748 6210, 748 6211

Subscriptions: Tel: (012) 748 6054, 748 6055, 748 6057

Gedruk deur en verkrygbaar by die Staatsdrukker, Bosmanstraat, Privaatsak X85, Pretoria, 0001

Publikasies: Tel: (012) 748 6052, 748 6053, 748 6058

Advertensies: Tel: (012) 748 6205, 748 6208, 748 6209, 748 6210, 748 6211

Subskripsies: Tel: (012) 748 6054, 748 6055, 748 6057